# *NJENGOKHOZI LUHLAKAZA ISIDLEKE SALO*

(Kulungile. Kulungile. Kulungile.)

Konke kuyenzeka, Nkosi, ngiyakholwa.

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje ngomkhuleko.

2 Nkosi enomusa, sisondela esihlalweni saKho sobukhosi somusa eGameni leNdodana yaKho, iNkosi uJesu. Sifuna ukuKubonga ngazo zonke izibusiso Ozibeke phezu kwethu. Ube muhle kanjani kithi! Futhi siyakhuleka, Baba, ukuthi Uzoqhubeka ube nathi.

3 Abaningi bayagula futhi bayadinga, futhi sikhulekela ukuthi amandla aKho azobaphulukisa. Ngijabula kakhulu ukucosha lezizincwadi, izincwadi ezibuyayo ezivela kubantu okade elapha owake wagula, wahlushwa, futhi waze ngisho wamenyezelwa ngodokotela, sebephilile manje. Nkulunkulu, kwangathi kungebebikho obuthakathaka phakathi kwethu, ekuvalweni kwenkonzo.

4 Kwangathi umusa kaNkulunkulu ungaba nathi. Labo abezayo futhi befuna insindiso, O Nkulunkulu, kwangathi bangathola leloDwala ezweni eliyethileyo, uMpheme ngesikhathi sesiphepho. Futhi kwangathi uMoya oNgcwele omkhulu, Nkosi, ungabhaphathiza lonke ikholwa eMzimbeni kaKristu, ngoBukhona baKhe nombhaphathizo wobuntu baKhe.

5 Khumbula labo asebeluleme, Nkosi, ngendlela yokuthi abakwazi ukunyakaza, balaliswe esibhedlela, nokunye. Siyakhuleka, Baba, ukuthi uMoya waKho uzobaphulukisa.

6 Manje, makuthi uMoya oNgcwele uhlole yonke inhliziyo ephakathi lapha kulobubusuku. Kwangathi lesi kungaba yisikhathi sokuhlola, kwangathi kungaba yisikhathi sobuqotho nokuhlola. Sikhulekela ukuthi Uzobusisa iZwi njengoba siLifunda. Bese kuthi-ke, kwangathi uMoya oNgcwele ungathatha yonke into edingekayo lapha kulobubusuku, ubeka iZwi phezu kwakho ngqo ukuze sibone ukuthi sinesibusiso sokuhlenga esilindile. Siphe khona, Baba, ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

7 Hlalani phansi. Impela sibe nosuku olumangalisayo namhlanje. Ngihlale isikhathi esidana izolo ebusuku emhlanganweni, u—unkosikazi nabo abathandi ukuba ngibe ngedwa cishe imizuzu eyishumi emva kokuba sengisukile

esakhiweni, kwakungukuthi nganginokuningi kakhulu emgqeni, ngiyacabanga.

8 Akusikho lapho uphezulu *lapho*, niyabo, phezulu lapho kulologcobo olukhazimulayo, noma akusikho lapho usezansi lapha, kuphakathi kwalokho okusemqoka, lapho usuka komunye uya komunye, uphuma kulologcobo ubuyele phansi kulokhu futhi. Kodwa kukhulumani kuwe na? Kukhona iZwe ngapheseya komfula, yebo, kuneNdawo yangempela esingathola khona ukuthula, nokujabula, nokwaneliseka.

9 Futhi manje, iNkosi ithanda, kusasa ebusuku sizokhipha amakhadi omkhuleko ligamenxe elesithupha, abafana bazokwenza. Bese kuthi-ke, futhi asinaso esinye isikhathi esiningi kakhulu, sinaso na? Nginaso nje kusasa ebusuku kuzoba ngoLwesihlanu, kunjalo na? NgoLwesihlanu, ngoMgqibelo, nangeSonto, obunye ubusuku obuthathu. Awu, lokho yi . . .

10 Wonke umuntu ufuna ukukhulekelwa, nokunye nokunye, wozani ngqo manje bese nithathe amakhadi enu omkhuleko, futhi sizobabizela emgqeni ngqo, bese sibakhulekela, futhi senze konke esingakwenza. Futhi uma uzofanele uhambe ngaphambi kokuba inkonzo iphele, yiya egumbini lababphuthumayo, futhi siyothanda ukuba Kuphume lapha, khona-ke uMoya oNgcwele ungathola ukuthi ngabe kukhona yini okuthile empilweni, lapho kuphansi kwalokho kubona okufihlakele.

11 Niyabo, uma unento ethize oyenzile, noma into ethize ongayenzanga, into ethize obufanele ngabe uyenzile, niyabo, akunandaba ukuthi ukhulekelwa kangakanani, akusoze kukushiye ize leyonto isilungisiwe. Ubungavele nje uxukuze, ubeke izandla, futhi uthele amafutha, angeke kusuke, kuyohlala khona lapho.

12 Bukani, kwakukhona i . . . UJesu wanika abafundi baKhe amandla okukhipha odeveli. Bangaki okwaziyo lokho na? Impela. Ezinsukwini eziyishumi kamuva sibathola bonke behluliwe odabeni lwesithuthwane. Niyabo? Kodwa ngenkathi . . . Lowodeveli walala khona lapho. Kwase kuthi-ke ngenkathi uJesu efika, nalowodeveli wazi ukuthi wahlangana neNto ethize eyayisezingeni eliphakeme kunalokho labobafundi ababenakho, futhi wayefanele aphume.

13 Manje, sifanele njalo size sikhulekelwe, sivume isono, futhi silungele ukuphulukiswa. Manje-ke uma wenza lokho, yinye kuphela into esele, xosha isitha, yilokho kuphela. Uma ukhulekile, futhi uqinisekile ukuthi kuyintando kaNkulunkulu ukukuphulukisa, futhi wakhuleka kukho, lokho—lokho kuyakuxazulula, niyabo. Yinye kuphela into okufanele yenziwe-ke, into kuphela isiphiwo esingayenza ngukukukhipha, konke sekuphelile. Niyabo? Sekwenziwe khona-ke. Futhi ngijabula kakhulu ukuthi singa—singasho, siyazi kukhona okwenzekile ngenkathi—ngenkathi kwenzeka.

14 Namhlanje bekuyi . . . Kulokhu ukusa, kusesekuseni, ngivukile, futhi angikaze ngilale kahle kakhulu izolo kusihlwa, futhi ngivuke kusesekuseni kulokhu ukusa, noMoya oNgcwele ubekhuluma kimi, futhi Wathi kimi, "Phuma, Ngizokusebenzisa."

15 Futhi ngakho, into kuphela engikwazi ukuyenza ngukuphuma nje, kwakuyilokho kuphela. Futhi ngacabanga, "Awu, imoto yami idinga ukushintwa ugrisi kuyo, ngakho ngizovele nje, noma amafutha, njalo," ngakho ngenyukela egaraji likaphethroli. Ngacabanga, "Nkosi, mhlawumbe abanye balaba bafo lapha." Futhi ngakhuluma nomfana okahle oyiPresbyterian, edonsa upetroli, nabanye abehlukene, kwakubonakala sengathi akukho okuphuthumayo.

16 Futhi kwenzeka ingozi ekhoneni, ngathi, "Nakhu." Ngaphumela lapho, kodwa akukho muntu olimele, ngakho ba . . . lokho kwakungesikho, ngakho ngangena emotweni yami, ngacabanga, "Ngizobuyela ezansi ekhaya."

Ngaqala ngehlela ekhaya, futhi awu, Into ethize yathi, "Qhubeka nje ushayela."

17 Ngakho kade ngenza inkundla yami yomkhuleko phezulu ngaseMount Rainier, phezulu lapha, ngibuyela ehlathini. Futhi kukhona okuthize mayelana nokuphuma lapho imvelo ikhona, uthola uNkulunkulu, ube nje—ube wedwa. Futhi ngangino Joseph omncane kanye nami, umfanyana wami, neNto ethize yathi, "Chezukela eceleni komgwaqo lapha bese uma, ngoba yi . . . bhekisisa, wenze umfanyana aqaphele umdobi."

18 Awu, badoba cishe imizuzu eyishumi, bahamba, ngakho uJoseph nami sasihlezi lapho. Awu, ngacabanga, "Awu, sizoshayela sikhuphuke khona-ke siye ezinkundleni zomkhuleko, futhi khona-ke ngizodedela uJoseph adlale ngakhona ngisafunda futhi ngikhuleka, khona-ke sizobuya sehle." Ngiyadla, lokho, kanye ngosuku.

19 Ngakho, Into ethize ayingivumelanga ngihambe. Futhi ngacabanga, "Awu, Joseph, nginendwangu ngaphansi kwesihlalo, asivele nje sigeze o—omata emotweni yebandla." Ngishayela imoto yabo, ngakho ngacabanga ukuthi ngiyovele nje, ngifuna ukuyinakekela. Futhi mina, ngiwasha omata baphansi, futhi ngacabanga, "Lokho kuhle."

20 Futhi ngangivule umnyango, uJoseph, wayenza okwakhe esondweni phansi lapho, niyazi, lowomfo omncane ethi ukuzijabulisa yena uqobo. Futhi khona manjalo, imoto yama, yaqala ukuhlehla, omunye wacabanga ukuthi umuntu othile owayedinga. Kwase kuthi-ke, ngenkathi ngithola, kulemoto kwakukhona owesifazane owayebulawa ngumdlavuza, unkosikazi womfundisi. Futhi babeholwe ngokuxakile impela, babeye endaweni engihlala kuyo, futhi ngangihambile. Bashiya iduku ukuba likhulekelwe, futhi baqala ngale kwenye intuba

ababefanele bahambe ngayo, neNto ethize yabatshela, “Jikani nibuyele emuva.”

21 Futhi bazungeza ngalena enye indlela, wayehla, wathi, “Akumangalisi yini lokhu ukuthi kungani besiyoza ngalendlela na?” Futhi ngaleyonkathi nje, wathi, “Ngiyazibuza uma labobantu u, kukhona okungalungile ngabo, lapho emotweni na?”

22 Ngesikhathi esifanayo, ngangingaphakathi emotweni, ikhanda libheke phansi, ngikhuhla phansi naphezulu, kanjalo. Futhi ngangizohamba, phakathi kwemizuzu ethi ayibe mibili noma ngaphezulu ngangilokhu ngikhuphuka phandle ngiya endaweni yomkhuleko, futhi nakho kulele owesifazane ngemuva emotweni, ebulawa ngumdlavuza. Ukuthi uNkulunkulu wawuthulula kanjani uMoya waKhe phakathi lapho!

23 Akumangalisi yini ukuthi Usebenza kanjani na? Ukuthi Uyosihola ngokuyimfihlakalo kanjani ukusuka endaweni kuya endaweni, enza nje onke amakhona ahlangane njengoba nje. . .! Ku. . .Lokho nje akusikho ukuziqondanela, lokho ukuholwa ngokomoya. Uyakukholwa lokho, awukukholwa na? Amadodana namadodakazi kaNkulunkulu aholwa nguMoya kaNkulunkulu.

24 Manje asiphenye emiBhalweni kulobubusuku, okokufundwa komBhalo, eNcwadini kaDuteronomi, isahluko 32, futhi asiqale ngevesi 7, futhi sifunde ingxenye manje, kuya evesini 12 nalo:

> *Khumbulani i. . .zasendulo. . .Khumbulani izinsuku zasendulo, niqonde iminyaka yezizukulwane ngezizukulwane: buza kuyihlo, uyakukulandisa; nasemalungeni akho, akutshele.*
>
> *Lapho oPhezukonke wazihlukanisela. . .izizwe ifa lazo, lapho wahlukanisa amadodana ka-Adamu, wamisa imikhawulo yabantu njengomumo wabantwana bakwa-Israyeli.*
>
> *Ngokuba isabelo seNKOSI singabantu bakhe; uJakobe uyisiqephu sefa lakhe.*
>
> *Wamfumana ezweni eliyihlane, futhi. . .*uqotho *lomkhulungwane kwahlongasiphi; wamhola, wamyala, wamgcina njengenhlamvu yeso lakhe.*
>
> Futhi *njengokhozi luhlakaza isidleke salo, lubhakuza phezu kwamazinyane alo, wawelula amaphiko akhe, wabathatha, wabathwala ngezimpaphe zakhe:*
>
> *INKOSI yodwa yamhola, akwabakho unkulunkulu wabezizwe naye.*

25 Ngingathanda ukuthatha okwendikimba, okungukuthi uma kuyintando yeNkosi kulobubusuku, eyinqaba, exakile, kodwa: *NjengoKhozi Luhlakaza Isidleke Salo, Lubhakuza Phezu*

*Kwamazinyane Alo, Luwathathe Luwathwale Ngamaphiko Alo, Futhi Luwathwale.*

26 Bengihlala ngizibuza ukuthi kungani uNkulunkulu eke wafanisa ifa laKhe nokhozi. Futhi ngelinye ilanga ngathola eBhayibhelini ukuthi uNkulunkulu Uzibiza yena uqobo ngoKhozi, UnguJehova-Khozi, nabantwana baKhe bangamachwane okhozi, izinkozi ezincane ngaphansi kwamaphiko kaJehova.

27 Futhi njengesazi semvelo, ngi—ngiyathanda ukutadisha imvelo. IBhayibheli lami lokuqala kwakuyimvelo, ukuthi ngaqaphela kanjani ukuthi kanjani, yonke into yenzeka emvelweni, nokuthi kwakufanele kube kanjani nguNkulunkulu, akukho okunye okwakungaba yilokho ngaphandle kukaNkulunkulu. Futhi kwangiholela ekukholweni ukuthi kwakukhona amakhulu athize, aMandla aphakeme ndawondawo, ayelawula zonke lezizinto. Njengathi . . .

28 ENdiya, esikhathini esingeside esedlule, ngabungazwa yizinkolo eziyishumi nesikhombisa ezehlukene ngenye intambama ethempelini lamaJain, babenoBuda, abakaMohamede, amaSikh, amaJain, nabanye, futhi ba—bangabantu abayinqaba kakhulu. Kodwa kuzo zonke lezizinkolo eziyishumi nesikhombisa, iningi lazo zonke, ngaphandle kwabakaMohamede nezinye ezimbalwa, bayakholelwa ekuzalweni kabusha kokunye.

29 Lokho, babephatha imophu encane, futhi bakolobha iphansi, ukuze nje baqiniseke, lapho behamba, ukunganyatheli impukane encane noma isinambuzane, ngoba kungahle kube ngumalume wabo, noma u-anti, noma omunye obuyile. Ungake uze ushumayele kanjani inkolo yegazi kubantu abangeke babulale impukane. Niyabo? Futhi ngakho, ngadingeka nje ngilinde, ngivumele uNkulunkulu enze lokho qobo lwaKhe, kodwa ngempela Wenza into enkulu eNdiya.

30 Kodwa uma sibuka imvelo futhi sithole lokho ukuthi yonke into isebenza kanjani, khona-ke nizokwazi ukuthi lapho, izisekelo zobuKristu. NobuKristu yiyona nkolo kuphela eqinisileyo, ngoba ubuKristu busekeleke ekufeni, ukumbelwa, ukuvuka.

31 Manje, akusikho ukufaka esikhundleni okunye. Manje, uma ngiqathaza leliphepha kwiphansi, ngase ngithi, "Awu, ngiqathaze *leyo*, ngizobuyisela *leli* endaweni yalo," lokho akusikho *ukuvuka*, lokho ngukufaka *esikhundleni okunye*. Kodwa uJesu ofanayo owangena emhlabathini, uJesu ofanayo uyabuya ephuma emhlabathini. Novuko, noma, ubuKristu busekeleke phezu kovuko. Ngakho-ke, lapho ungabona amahlathi, nezihlahla, futhi ubhekisise . . .

32 Lapha izinyanga ezimbalwa, awu, sekuthi akube unyaka lona ozayo, cishe amane, amaviki amathathu kusukela

manje, ngangisezansi eKentucky ngizingela izingwejeje. Futhi sasibe nomhlangano osondele impela, cishe iminyaka emibili ngaphambi kwalokho, ezinkundleni zokukhempa zeMethodisti, ubusuku obubili. INkosi yenza izinto ezinkulu—ezinkulu phakathi kwabantu beMethodisti.

33 Futhi ngakho, bona, iMethodisti yayivamise ukukholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu. UJohn Wesley wakwenza, nginencwadi yakhe, incwadi yakhe yesifundo, kanjalonjalo, amanothi akhe. Futhi ngakho, u...Babevamise ukukholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, abaningi babo basakholelwa namanje.

34 Futhi ngakho, kwakukhona imvuselelo enkulu phakathi kwabantu. Ngakho, lenkundla enkulu yokukhempa ezansi lapho, ezansi kwiMethodisti engaseningizimu, babengibizele ezansi u—umkhankaso, futhi ngangichithe uMgqibelo neSonto nabo.

35 NoMnu. Wood, owayekade enguFakazi kaJehova ekuqaleni, nomfana wakhe okhubazekile, umlenze ufinyele ngaphansi kwakhe, insizwa, ihlezi emuva emhlanganweni, uyise ehlezi lapho egxeka, unina ehlezi lapho ekhuleka, uMoya oNgcwele waphendukela endaweni lapho okwakukhona, ngiqagele, okungenani abantu abayizinkulungwane eziyisishiyagalombili noma eziyishumi, wayesethi, "Umfo osemncane ohlezi emuva lapho nomlenze okhubazekile, uyise unguFakazi kaJehova futhi ungu—ngusonkontileka, igama lakhe nguBanks Wood, unina uyiMethodisti. Igama lomfana omncane nguDavid, ISHO KANJE INKOSI, yima ngezinyawo zakho, uJesu Kristu uyakusindisa." Waphakama; akazi ngisho nokuthi kwakuyimuphi umlenze manje, ngaphandle uma wenzeka...

36 Ngakho, uMnu. Wood, wasindiswa ngempela, futhi wangenisa wonke umndeni wakhe e, uyise, nonina, nabo bonke, esivumelwaneni sikaKristu ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele.

37 Futhi yena nami sasizingela ndawonye, sasikade sisezansi cishe amaviki amabili, futhi wathi...Kwakome kabi kabi, sasidingeka sehlele ezindaweni eziphansi ukuthola lapho okwakumanzi khona ngokwanele ukuhamba, kungenjalo izingwejeje zaziyokuzwa. Futhi ngakho, wathi, "Ngiyazi lapho okukhona khona indoda enama-eka angamakhulu amahlanu, kodwa," wathi, "ngokungabaza kakhulu ukuthi uyoke angivumele ngizingele, ngoba ungumphikinkolo ophelele."

Ngase ngithi, "Lowo bekuyoba ngumfo omuhle kithi ukuba sihlangane naye."

38 Ngakho sawela, futhi wama phambi kwendlu yakhe, futhi wayehlezi egcekeni, ekhuluma nendoda esikhulile, futhi ngenkathi sishayela senyuka, uMnu. Wood waphuma futhi

wazungeza imoto, futhi wathi, "Halo, Jim," kumbe noma wayengubani igama lakhe.

Wathi, "Sawubona?"

Wathi, "Angicabangi ukuthi uyangazi."

Wathi, "Yebo, ngiyakwazi. Ngikholwa ukuthi ungumfana kaJim Wood."

Wathi, "Kunjalo."

39 Wathi, "Angazi noma ngingazingela yini emuva phakathi lapha na?" Wathi, "Kome kakhulu, kade sizingela komunye umfudlana, othiwa iDutton," wayesethi, "komile kakhulu laphaya."

40 Wathi, "Nginama-eka angamakhulu amahlanu lapha, noma iyiphi indodana kaJim Wood ingaba nenjabulo yayo yokuzingela noma yikuphi lapho ifuna khona noma ngasiphi isikhathi efuna ngaso." Wathi, "Angikaze ngibe nomngane othembeke kakhulu empilweni yami kunoJim Wood."

Wathi, "Ngiyabonga." Wathi, "Manje, nginomelusi wami kanye nami."

Wathi, "Wood, awuqondile ukusho ukuthi usube phansi kakhulu, uze udingeke uthwale umshumayeli nomaphi lapho uya khona na?"

Futhi wathi, "Awu, angazi ngalokho, kodwa ngi . . . "

Ngase ngiphuma emotweni, ngase ngithilaza, ngase ngithi, "Sawubona, mnumzane?"

Wathi, "Sawubona?" Awu, wathi, "Futhi ungumshumayeli na?"

Igazi lengwejeje, futhi ngingcolile, o, he, ubuhwanqa obuthi abubebude *kangako*, ngathi, "Yebo, mnumzane, ngicabanga ukuthi nginjalo."

Futhi wathi, "Awu, ngiqagele uWood ukutshelile ukuthi ngingumphikinkolo na?"

Ngathi, "Awu, usho okuthile ngakho, kodwa kul'khuni ukucabanga ukuthi indoda ekhombisa umusa onawo ibingaba ngumphikinkolo ngempela." Ngathi . . .

Wathi, "Awu, ngifanele ngibe njalo."

Ngathi, "Ngiyajabula uthe *ubufanele* ube njalo."

41 Futhi wathi, "Awu," wathi, "Ngikutshela uk'thini," wathi, "Angikaze ngibone noma yini engake ikwazi, ngaphandle nje kwenjulamqondo, engake ifakazise kimi ukuthi kukhona noma yini kaNkulunkulu." Wathi, "Ngizwa laba bashumayeli beklabalasa futhi bakhulume ngokuthi kwakukhona uNkulunkulu," futhi bathi, "Wafa emuva ngaleya kudala, eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili eyedlula." Futhi wathi, "UNkulunkulu onjalo angangenzela ini osefile eminyakeni

eyizinkulungwane ezimbili edlule, emva kokuba sengifile na?" Niyabo?

Ngathi, "Ya, uma lokho kwakuphelisa, uqinisile impela." Ngathi, "Lokho akukuphelisanga."

Futhi wathi, "Awu, kukhona . . . Angikaze ngiye esontweni," wathi, "cishe iminyaka engamashumi amahlanu." Wayethi akabe neminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala.

Ngathi, "Lokho akusikho kakhulu okokuqhosha ngakho, kunjalo, mnumzane na?"

42 Wathi, "Qha, angicabangi." Wathi, "Kodwa kukhona umshumayeli owayenomhlangano ngapha e," wathi, "e-Acton esikhathini esingeside esedlule, kulezozinkundla zokukhempa zeMethodisti." Wathi, "Uma lowomfo eke afike ezweni futhi, ngizomuzwa."

Ngathi, "Yebo, mnumzane." UMfowethu Wood wangibuka futhi wacifa ihlo, niyazi. Ngase ngithi, "Yebo, mnumzane." Ngathi, "Kwakungubani igama lakhe na?"

43 Wathi, "Angilazi igama lakhe." Wathi, "Kodwa u-Anti Melisi *S'bani-bani* omdala wayehlala phezulu lapha egqumeni." Wathi, "Mina, mina nomkami, sasihambe amaviki amabili, simphakamisa, futhi sidonsa ishidi lokudonsa, wayengakwazi ngisho nokunyakaza ngenxa yomdlavuza wesisu." Futhi wathi, "Odokotela bamdela izinyanga ngaphambi kwalokho." Futhi wathi bona, ukuthi wayengakwazi, abakwazanga ngisho nokumbeka epoweni.

44 Futhi wathi, "Udadewabo waya kulowomhlangano ngalobobusuku." Wathi, "Kwakukhona abanye, mhlawumbe, abantu abayizinkulungwane ezintathu phandle lapho ezinkundleni zokukhempa." Futhi wathi, "Lomshumayeli, ubusuku bakhe bokuqala lapho, wabuka emuva kulezozethameli futhi wabiza lona wesifazane ngegama, futhi wamtshela ukuthi wayengubani lona wesifazane ayemkhulekela. Nowesifazane waqala ukukhala, wathi, 'Manje, thatha leloduku ogeze ngalo lezozinyembezi, futhi uhambe ulibeke kowesifazane, ngokuba ISHO KANJE INKOSI, uzophila.'"

45 Futhi wathi, "Ngacabanga ukuthi babeneSalvation Army phezulu lapho egqumeni, ngalobobusuku, ngenkathi bebuyela laphaya, ukumemeza kakhulu nokumpompoloza," wathi, "sacabanga ukuthi owesifazane ufile." Futhi wathi, "Unkosikazi nami sagqoka izingubo zethu, cishe ngeleshumi nqo ebusuku futhi senyukela lapho, futhi wayethosa ophaya bama-apula abathosiwe futhi ebadla." Futhi wathi, "Wayengakwazi ngisho ukuphuza amanzi ebhali ngalokho kusa." Wathi, "Futhi manje akenzi umsebenzi wakhe kuphela, wenza wonke umsebenzi womakhelwane."

Futhi ngathi, “Lokho kwakumangalisa!”

Wathi, “Manje, lapho ngi. . .lowomfo eke abuyele ezansi lapha futhi, ngiya ngale ukuyomuzwa.”

Ngathi, “Awu, futhi wena. . .Ngabe lokho bekuyokwenza ukholwe kuNkulunkulu uma ubone into ethize enjengaleyo na?”

Wathi, “Awu,” wathi, “manje, ngi—ngiqagele leyo yinto ethize ongayibona.”

46 Ngathi, “Awu, lokho bekukuhle.” Ngavele nje ngacosha i-apula elidadlana lapho. Bangaki owaziyo ukuthi yini iyelojakhethi na? Futhi ngakho, iyelojakhethi ikuleli apula, ngiyayixosha, futhi—futhi ngaqala ukudla i-apula. Ngathi, “Lawo ngama-apula amahle.”

Wathi, “Yebo, anjalo.”

Ngathi, “Sidala kangakanani lesosihlahla na?”

Wathi, “Awu,” wathi, “ngasitshala lapho.” Wathi, “Ngiqagele lesosihlahla cishe sineminyaka engamashumi amathathu-nanhlanu ubudala, noma amashumi amane.”

Ngathi, “Sikhiqiza ama-apula minyaka yonke na?”

Wathi, “Ya, impela siyawakhiqiza.” Wayecabanga ukuthi ngangizama ukushintsha indaba, niyabo.

47 Ngakho ngathi, “Awu, kukhona engifuna ukukubuza khona.” Ngathi, “Lokhu cishe kumaphakathi no-Agasti, noma, iviki lokugcina ngo-Agasti,” futhi ngathi, “Ngiqaphelile amaqabunga ayawohloka kulesosihlahla.”

Futhi wathi “Yebo, ya.”

Ngase ngithi, “Kungani. . .? Ngiyamangala ukuthi yini ebingenza lawomaqabunga awohloke kulesosihlahla.”

Wathi, “Amanzi esihlahla ehlile.”

Ngathi, “Ashonephi na?”

Wathi, “Ehlele ezimpandeni.”

“A-hha.” Ngathi, “Awu, yini eyenza ehlele lapho na?”

Wathi, “Ubhekephi na?”

“Awu,” ngathi, “impela, ngaphambi kokuba kubekhona isithwathwa kumbe noma yini, iNto ethize idingeke yexwayise lawomanzi esihlahla ukuba ehlele ezimpandeni.”

Futhi wathi “Awu,” wathi, “yimvelo nje.”

“Awu,” ngathi, “beka ikani lamanzi esigxotsheni, bese ubona ukuthi azokwehla yini.” Niyabo?

Wayesethi, “Awu, uqonde ukuthini na?

48 Ngathi, “Mnumzane, ubungavuma ukuthi kukhona iNto ethize ethatha lawomanzi esihlahla uma ehlale phezulu lapha, bekuyosibulala isihlahla, ubungeke uthole elinye i-apula, ngakho iNto ethize ixwayisa lawomanzi esihlahla, futhi ehlela

ezimpandeni zesihlahla kuze kube yintwasahlobo futhi acashe, bese-ke eyenyuka futhi akulethele esinye isivuno sama-apula."

Wathi, "Kunjalo."

49 "Awu," ngathi, "uBuhlakani obufanayo obatshela lesosihlahla, lawomanzi esihlahla kulesosihlahla, 'Ngena phansi ezimpandeni, sekuza isikhathi sasebusika,' ngaphambi kokuba ngisho sibe nesikhawu esibandayo noma isithwathwa, 'yehlela lapho futhi ucashe,' lobo nguBuhlakani obufanayo obangitshela ukuthi lowo wesifazane wayezophila."

Wathi, "Awusuye lowomshumayeli!"

Ngathi, "Nginguye." Nakho wena . . . Niyabo?

Awu, wathi, "Uyazi ukuthini? Woza lapha, ngifuna ukukuxhawula." Wathi, "Angizange ngicabange ngalokho."

Ngathi, "Mnumzane, uNkulunkulu ukuzungezile yonke indawo."

50 Lowo ongenza imbali umbala owodwa, nomunye umbala owodwa, izinhlobonhlobo ezifanayo elangeni elifanayo, kokufanayo . . . niyabo, enze enye ibe phinki, nenye ibe bomvu, nenye ibe mhlophe, kanjalonjalo na? UNkulunkulu. UNkulunkulu usemvelweni. Uma nje uzoMutadisha, U—Uphila emvelweni.

51 Ngenkathi ngiqala ukubona ukuthi uNkulunkulu Wazibiza ngoKhozi, futhi wabiza abantwana baKhe, izinkozi, abaprofethi baKhe, khona-ke ngamangala ukuthi kungani. Futhi ngaqala ukutadisha ngokhozi. Ukhozi luyinyoni enkulu. Manje, lona impela igama *ukhozi*, kunezinhlobo ezingamashumi amane ezehlukene zezinkozi esizaziyo, *ukhozi* kusho "umdabuli ngomlomo wenyoni."

52 Bese kuthi-ke, u—ukhozi luyinyoni exakile, ingandizela phezulu kunanoma iyiphi enye inyoni ekhona, ayikho enye inyoni engalandela ukhozi. Uma uklebe ubuyozama ukulandela lolokhozi, ubuyobuthuka emoyeni, awakhelwe khona. Ukhozi lungandiza luphakame kakhulu ngangokuthi ayikho enye inyoni engasondela eduze kwalo, lingahamba luthi ngqu lungabonakali, lukhuphuke nje ngqo.

53 Awu manje, ngeke kulisize ngalutho ukukhuphukela lapho, ngaphandle uma lakhelwe ukuba liphile ngenkathi lisephezulu lapho. Futhi yingalesosizathu uNkulunkulu abiza abaprofethi baKhe ngezinkozi. Lapho uhamba uphakama kakhulu, ilapho ungabona kude kakhulu. Awu khona-ke, uma lingenalo ihlo elingabona, iso lalo lizoqhathaniseka nokukhwela kwalo, khona-ke bekuyosiza ngani, ukukhuphukela lapho, uma beliyimpumputhe na?

54 Ngakho yileyondlela abantu abaningi abazama ngayo ukukhwela phezulu kangaka, futhi baphuphuthekile emva kokuba sebefike lapho, ngakho kusizani ukukhuphukela lapho

na? Niyabo? Ucabanga ukuthi uyothola iPh.D. yakho, oL. abaphindwe kabili no D., iD.D.D., iQ.S.D., nalo lonke olunye uhlobo lwe—lweziqu. Kodwa uma-ke ukhuphukele lapho futhi awufanelekile na? Ubuyoba yimpumputhe kuyo impela into okhwele kuyo, bekungeke kusize ngalutho, awusakwazi ukubona emuva. Njengoba umfowethu asho ngesihluthulelo ngolunye usuku, wahamba, noma, indoda yahamba.

55 Ngakho ukhozi, ukuze lukhuphuke, lufanele lube yinyoni eyakhiwe ngokukhethekile; nendoda, ukuba yinceku yeNkosi ngumuntu okhethekile. Yena uzofanele aguqulwe ngaphakathi, aphinde avuselelwe futhi. Yingalesosizathu uNkulunkulu ebiza abantwana baKhe, abaprofethi baKhe ngezinkozi, ufanele akhwele phezulu, iso lakhe.

56 Futhi enye into, uma lolokhozi luzame ukukhwela phezulu lapho nezimpaphe ezejwayelekile nje, njengoba zinjalo egwababeni, noma njengase—sejubeni elifuywayo, ngani, zonke izimpaphe ziyophuma kulo. Wake wazama ukudonsa uphaphe okhozini na? Kungcono uthole ipheya lodlawu bese ubeka izinyawo zakho kulo, ngoba lezozimpaphe ngempela zihlala lapho. Uma zingazange, lona, beluyoqathaza ukhozi ngenkathi lufika phezulu lapho kuleyo mikhawulo lapho ezinye izinyoni, ngakho niyabo, lufanele lube yinyoni ekhethekile.

57 Enye into ngokhozi, ukhozi yi—yinyoni ekhethekile, ngoba alusoze lwakha isidleke salo emhlabathini, lwakha isidleke salo phezulu *le*. Ufanisa lokho neBandla laKhe, "Ningumuzi ohlezi egqumeni," hhayi esigodini. "Ningumuzi ohlezi egqumeni, ongabonwa kude. Ikhandlela elikhanyisiwe, lingabonwa kude ngaphandle." IBandla lihlezi phezulu, namathemba aphakeme, ukulangazelela okuphakeme.

58 Anginawo amathemba angako ngebandla lomelusi elingenazo izimpokophelo ukuba bazenze babengcono usuku nosuku, nonyaka nonyaka. Ibandla ngempela eliyibandla likaNkulunkulu ophilayo alisoze layeka, lithi, "Awu, ngiyangena nje, ngiqagele sekulungile manje." Lelo akusilo iBandla likaNkulunkulu, linempokophelo yokucindezela liqhubeke.

"Awu, ngenze ingxenye yami, ngilethe isoni esisodwa kulonyaka, futhi sasindiswa."

59 Mfowethu, lokho akusiyo impokophelo yeBandla likaNkulunkulu, uma eletha oyedwa, ufuna omunye, omunye, omunye, omunye, omunye, akukho ukuphela kukho, ulokhu ekhuphuka nje. Niyabo, sifuna ukuba nempokophelo nokulindela, uNkulunkulu ufuna sibe ngaleyondlela.

60 Manje-ke ngifuna niqaphele enye into, ukhozi luhlumelelisa ubusha balo. Benikwazi lokho na? Ukhozi empeleni luhlumelelisa ubusha balo. Manje, luzoguga kakhulu lize lingakwazi nhlobo ukundiza, futhi khona-ke khona manjalo kukhona okwenzekayo kulo, manje, luseneminyaka efanayo nje,

kodwa luthola u—umuzwa wobusha ngalo, futhi luyazibuyisela nje, luwukhozi oluhle futhi. Manje, iBhayibheli lasho ukuthi ukhozi luhlumelelisa ubusha balo.

61 Futhi ngiyakhumbula okokuqala ukuba ngike ngibe semhlanganweni wePentecostal, kwakuseMishawaka, ngangingumshumayeli osemncane oyiBaptisti, futhi mina, phezulu lapho, futhi ngabezwa lababantu, babenezimpawu ngemuva ezimotweni zabo, ngase ngicabanga, "Ngikholwa ukuthi ngizohamba nje, ngumhlangano wezenkolo." Futhi ngahlala phansi ngemuva komhlangano, futhi ngabezwa phezulu lapho beshumayela, o, he, angikaze ngikuzwe ukushumayela okunjalo empilweni yami yonke.

Futhi ngalobobusuku, ngacabanga, "Ngikholwa ukuthi ngizofika emsamo."

Bathi, "Bonke abashumayeli woza emsamo." Kwakukhona amakhulu abo.

62 Futhi ngakho mina, ngalolosuku ngangikade ngiqaphela bonke abashumayeli abasebasha beshumayela ngalokho uJesu ayekwenzile, nakho konke ngakho, futhi—futhi, o, ngacabanga ukuthi babenomlayezo omangalisayo, angikaze ngizwe ngokunjalo ngaphambilini. Futhi babekhuluma ngezilimi, futhi bamemeze, futhi basine, futhi bagijime macala onke, Ngacabanga, "Whewu! Banendlela yokuziphatha embi, kodwa ba—kodwa impela banesikhathi esimnandi ngakho, ngakho ngi—ngiqagele lokho kulungile."

63 Ngakho, ngalobobusuku, emsamo, wathi, "Ngifuna umfundisi ngamunye asukume nje, asho ukuthi uvelaphi, ubani igama lakhe."

64 Ngakho lapho sekufika esikhathini sami, ngathi, "UWilliam Branham, umvangeli, eJeffersonville, e-Indiana, iBaptisti," ngahlala phansi.

65 Base-ke bekhipha ngalobobusuku, okomhlangano wasebusuku, ikhehla eliyikhaladi, elikhulu kakhulu, elide, ijazi elidala lomshumayeli elinomsila ovulekile njengoba sasivame ukulisebenzisa eningizimu, ukhololo wevelvethe, indingilizi encane nje yezinwele ezimhlophe ekhanda layo, umfo omdala bandla kwakul'khuni ukuba aphumele lapho. Uthi, "Awu, mina uzokutshela." Uthi, "Ngizothatha indikimba yami kulobubusuku," ngikholwa ukuthi yayivela kuJobe 7:27, noma into ethize efana naleyo, "Wawukuphi, ngenkathi Ngibeka isisekelo sezwe na? Memezelani kiMi lapho ziboshelwe khona. Lapho izinkanyezi zokusa zahlabelela kanyekanye, namadodana kaNkulunkulu ahlabelela ngokujabula na?"

66 Futhi ngacabanga, "He, kungani bengababeki abanye balabobafo abasebasha laphaya na? Ikhehla, elinjalo, phambi kwabantu cishe abayizinkulungwane ezintathu na? Awu,

bebengafanele babeke lelokhehla phandle lapho, ligongobele kakhulu nje kul'khuni ukuba lihambisane."

67 Manje, bonke abazalwane babekade besho ukuthi kwakwenzekeni ezansi lapha emhlabeni, laqala emuva lapho cishe iminyaka eyizinkulungwane eziyishumi ngaphambi kokuba izwe lize libunjwe, lapho amadodana kaNkulunkulu ayememeza ngokujabula, nezinkanyezi zokusa zazihlabelela kanyekanye, waMletha wanqamula izibhakabhaka, futhi wehla ngothingo lwenkosazana oluvundlile cishe emizuzwini emihlanu. Ngokuqondile wagxumela phezulu emoyeni, wayesethi, "Whuu!" Wavele wakhahlela izinyawo zakhe wazihlanganisa, futhi wathi ngci lapho, wayesethi, "Ninendawo eyenele phezulu lapha ukuba ngishumayele," wahamba wasuka emsamo.

68 Ngathi, "Mfowethu, yilokho engikufunayo. Uma kuzokwenza ikhehla liziphathe kanjalo, bekungangenzelani na?" Futhi ngangithi angibe neminyaka engamashumi amabili-nanhlanu ubudala.

69 Ngiyanitshela, kuvuselela ubusha balo. Ngabe kunjalo na? Lapho uMoya oNgcwele ungena, Wenza omdala aziphathe njengosemusha, ya, sebephenduke izinkozi, kukhona okuthize ngakho. Angikukhohlwa neze lokho.

70 Ngingahle nje ngenze isicaphuno lapha. Ngalobo busuku ngalala phandle esiqeshini sommbila, futhi ngathatha elami elidala. . . NgangineModel-T Ford endala, yayihamba amamayela angamashumi amathathu ngehora: ishumi nanhlanu *ngapha* neshumi nanhlanu *ngapha*. Ngakho, ngase ngikhipha isihlalo esingemuva, nesihlalo esingaphambili, ngase ngifaka ibhulukwe lami elincane elihhubhazelayo phakathi kwazo, ngase ngizicindezela. Nganginedola nje namasente amahlanu ukuba ngibuyele ekhaya ngayo, ngizithengele upetroli, Ngathola okusamabhanisi, futhi—futhi ngathola umpompi omkhulu oba semgwaqeni, into ethize engizoyidla.

71 Futhi ngakhuleka ubusuku bonke, ngathi, "Nkosi, angikaze ngibabone abantu abanjalo empilweni yami, angikaze ngizwe ngento enjalo. Manje, angihambisani nendlela yabo yokuziphatha, ngoba nje abanayo indlela yokuziphatha." Kodwa ngathi, "Mina, kodwa impela ngicabanga ukuthi bangabantu abajabule kunabo bonke, abanamahloni ngenkolo yabo."

72 Futhi ngakho ngokusa okulandelayo, ngiyangena, ngahlala phansi, ngigqoke isikibha esincane, niyazi, namabhulukwe elihhubhazelayo; thina maBaptisti, sasigqoka ngisho ukhololo ophendukezelwe, niyazi, ngakho sa—ngakho safika phezulu lapho, niyazi, kuleyomicimbi, ngakho ngi. . . Ngihlala phansi lapho, futhi ngihlala phansi ngakumfowethu oyikhaladi.

73 Manje, babefanele babe nomhlangano wabo, osekuyiminyaka eminingana edlule, futhi babenawo enhla enyakatho engqungqutheleni yabo, amahlelo amabili noma amathathu amaPentecostal ayenengqungquthela yawo. Ngicabanga ukuthi sebehlangene manje, babebizwa nge P.A. ka W, ne P.A. ka J.C., noma, ngicabanga ukuthi libizwa ngeBandla i-United Pentecostal manje. Ngakho-ke. . .Ngicabanga ukuthi kunjalo.

74 Ngakho nokho, ba. . .Ngangihlezi phezulu, i, emuva lapho, futhi ngahlala phansi ngakumfowethu oyikhaladi. Futhi ngakho lomfo osemncane wenyuka, emsamo, wathi, "I, lowomfundisi osemncane obesemsamo izolo ebusuku, igama lakhe nguBranham. Ubengumvangeli, iBaptisti, sifuna alethe umlayezo kulokhu ukusa."

75 O, he! Nganyonyobela phansi esihlalweni, angikaze ngibe ngaphambi kwemayikrofoni empilweni yami, futhi nga—ngangingazi ukuthi ngenzeni, nebhulukwe elihhubhuzelayo neSikibha, ngavele nganyonyobela phansi.

76 Ngakho emizuzwini embalwa, wakumemezela futhi, wayesethi, "Noma ubani ongaphandle, umfundisi osemncane ogama linguWilliam Branham," wathi, "mtsheleni ukuba angene, sifuna alethe umlayezo kulokhu ukusa." Bacula elinye iculo base belinda, ngavele ngaqoshama kakhulu.

Futhi lomfowethu oyikhaladi wathi kimi, "Uyamazi na?"

"*O!*" Ngathi, "Yebo, mnumzane."

Wathi, "Hamba umlande."

Ngase ngithi, "Buka, mfowethu, woza lapha, ubambe." Ngathi, "Nginguye."

"O, wena nguye na?"

Ngase ngithi, "Ya, nginguye."

Wathi, "Awu, qhubekela phezulu lapho."

Ngathi, "ISikibha nebhulukwe elihhubhazelayo na?"

Wathi, "Labobantu abanandaba ukuthi ugqoka kanjani." Wathi, "Yenyukela lapho."

Ngathi, "Qhabo, qhabo." Ngathi, "*Shi*, thula du, ungasho lutho ngakho." Niyabo, kanjalo.

Wathi, "Ukhona othole uWilliam Branham na?"

Wathi, "Nangu! Nangu! Nangu!"

77 Ngazizwa ngixakile kakhulu, ngigqoke ibhulukwe elihhubhazelayo, iSikibha, Nganginezinwele ezenele ukuba zigawulwe kancane ngaleyonkathi, niyazi. Ngakho, ngenyukela emsamo, ngase ngicabanga, "Ngizothini na? Bonke lababantu bejabule kakhulu kanjalo." Futhi angikhohlwa neze ngathatha indikimba yami ngale kuJobe. Futhi angi. . .Ngiyaxolisa,

ngathatha indikimba yami ngale kuLuke: *Isicebi Saphakamisa Amehlo Aso Esihogweni, Futhi Khona-ke Sakhala*. Futhi ngathi, "Kwakungekho bantwana lapho, sasesikhala."

Omunye wathi, "Amen!" Angikaze ngikuzwe lokho ngaphambilini lapho ngishumayela.

Futhi ngathi, ngathi, "Kwakungekho zimbali lapho, sasesikhala. Kwakungekho-Nkulunkulu lapho, sasesikhala."

Baqala ukuthi, "Amen! Amen!"

Futhi nje ngangilokhu ngithi, "Akukho-zimbali, noma akukho-bantwana lapho, akukho-maKristu lapho, sasesikhala, sasesikhala, kwase kuthi-ke . . . " Ngase-ke ngikhala.

78 O, uNkulunkulu uyamangalisa, Akanjalo na? Uvuselela ubusha bethu, Uvuselela ubusha bethu njengokhozi. Manje, ukhozi luyinyoni enkulu. Bengingahlala kulokhu kuze kube sekuseni, ngokhozi nje.

79 Enye yezinto ezidabukisa kakhulu esengake ngazibona, ngacabanga, empilweni yami: ngangiseCincinnati esikhathini esingeside esedlule, cishe eminyakeni emithathu noma emine edlule, futhi ngakhuphulela abantwana bami lapho ukuyobona indawo yokugcina izilwane. Futhi nga—nganginabafo bami abancane, futhi ngangibahola ngapha nangapha, ngibakhombisa indawo yokugcina izilwane ngenkathi umama esathola idina etafuleni, futhi sasinohambo lokuzikhipha lwangoMgqibelo ntambama. Futhi ngehlela esibiyelweni esikhulu, futhi lapho ngabona okuthile!

80 Ngangihlala njalo ngidabukela noma yisiphi isilwane esasivalelwe esibiyelweni. Angikwazi ngisho nokuba nomzwilili endlini yami. Niyabo? Angithandi ukubona lutho luvalelwe esibiyelweni. Qhabo, mnumzane. Angithandi lutho ebugqilini, ngiyakholelwa enkululekweni.

81 Futhi ngiya indawo yokugcina izilwane futhi ngibona lawomabhubesi ehamba phansi. Futhi ngenkathi ngise-Afrika banginika amabhubesi amabili afuywayo, futhi ngangingabuya nawo, kodwa ngathi, "Uma . . . " Ngithi, "Ngizokwenani ngawo na?" Wathi, "Okunye . . . Ngonyaka ayoba ngabafo abakhulu."

Wathi, "Uwafake endaweni yokugcina izilwane."

Ngathi, "Adedele, khona lapha ogwadule." Angisoze ngafaka lutho ejele, angithandi lutho isebugqilini.

82 Futhi ngakho, ngangihambahamba, futhi babesanda kubamba ukhozi olukhulu, enkulukazi, inyoni enhle, futhi babeyifake kulesisibiyelo. Futhi lowomfo, zonke izimpaphe zashaywa zaphuma ebusweni bakhe nekhanda, amaphiko akhe onke ayeshaywe aphuma *kanje*. Futhi ngama ngambuka, futhi wayehamba abuyele lapho esibiyelweni, uyohamba abuye *kanje* futhi, wayeqala ukusuka, futhi abhakuzise lawo maphiko amakhulu, futhi wayezibhaklaza kulesosibiyelo, bese

ewela emuva futhi *kanjalo*, alale lapho futhi abuke phezulu ngasezibhakabhakeni, lawomehlo akhandlekile aqalaze.

83 Ngani na? O, uyinyoni ezalwa ezulwini, uhlala emazulwini. Akakwazanga ukuzikhulula, wayengenathemba nhlobo. Ukhona ombambile, umfo othize okhaliphile wambamba wase emfaka lapho. Ushaye izimpaphe zaphuma emaphikweni akhe, ushaye kwaphuma izimpaphe zekhanda lakhe, yena elele lapho ephakamise izinyawo zakhe, lawomehlo amakhulu ebuka phezulu lapho lapho engowakhona ngempela. Wayelangazelela kanjani ukukhululeka, futhi elule amaphiko akhe amakhulu, futhi andize adabule emazulwini, ememeza! Ukuthi waye. . . Ukuba akhululeke futhi! Wayengabuka, kodwa wayesesibiyelweni.

84 Ngacabanga, "Leyo yinto edabukisa kakhulu esengake ngayibona empilweni yami!" Ngacabanga, "Uma bebengangithengisela lona, bengiyoluthenga lolokhozi khona manje bese ngiludedela, ukuba bengiyodingeka ngibulawe yindlala uhhafu nemali yokuphiwa abantwana bami etafuleni ukukhokhela lolokhozi ukuludedela." Babengeke bakwenze.

85 Futhi ngehlela lapho ngase ngihlala phansi lapho, angikwazanga ukuzibamba ekukhaleni, khona-ke iNto ethize yathi kimi, "Ubone okubi kakhulu kunalokho, ukubona amadoda azelwe ukuba abe ngamadodana kaNkulunkulu, eboshelwe ngamaketango phansi yizivumokholo, namahlelo, na—nabantu othi izinsuku zezimangaliso selwedlule, ngenkathi empeleni wazalwa ukuba abe wukhozi ukuba andizele eziNkanyisweni zaseZulwini ngaleya, mfowethu, ngaphansi kwamandla namandla okuqina angaphezu kwemvelo kaNkulunkulu, ukuhamba ngokukholwa futhi hhayi ngokubona, nomunye umfo onobuqili umbambile futhi wambophela phansi entweni ethize ngesivumokholo noma into ethize, 'Phinda lesi sivumokholo futhi yilokho kuphela ofanele ukwenze.'"

86 O, mfowethu, ukukhipha leyondoda esibiyelweni! Ukubona amadodana namadodakazi kaNkulunkulu evalelwe esibiyelweni, ku—kungokudabukisayo, into edabukisa kakhulu engake ngayibona ngukwazi ukuthi abesilisa nabesifazane abazaliwe. . . ngibona abesifazane behamba esitaladini benqunu uhhafu begqoke lezizingubo ezindadlana ngalapha, futhi ngazi ukuthi lowo wesifazane ngokoqobo ukhwelwe ngumoya omubi. Kunjalo.

87 Dadewethu, ake ngikutshele okuthize, wena uthi, "Ngimsulwa njengomnduze, ngiyazigqoka."

88 Kodwa kukhona yini okuqondayo, ake ngikutshele, ngoSuku lokwaHlulelwa uzophendula ngokuphinga, iBhayibheli lathi, "Obuka owesifazane amkhanuke usephingile naye vele enhliziyweni yakhe."

89 Ungahle ubemsulwa njengomnduze, kodwa uzigqokisa kanjalo, namadoda onayo ezwe akubuke, izofanele iphendule ngokuphinga *nawe*, futhi uzofanele uphendule ngokuzethula ngendlela efanayo phambi kwayo. Kunjalo. Lezi ezindadlana ezingcolile, izingubo ezikhanukisayo abesifazane abazigqokayo! Futhi kungena ezikhundleni zethu zePentecostal, futhi. Kubi kakhulu. Qhabo, mnumzane, ungakwenzi neze lokho.

90 Inenekazi lathi kimi, ngasho into ethize enjengaleyo ngesinye isikhathi, lona wesifazane wathi kimi, wathi, "Awu, Mfowethu Branham, abathengisi noma yiluphi olunye uhlobo lwezingubo ngaphandle kwalolu hlobo."

Ngathi, "Basazithengisa izimpahla futhi banemishini yokuthunga, akukho-zaba nhlobo."

91 Kunjalo, mfowethu, lapho lenhliziyo endala ilungisana noNkulunkulu *lapho*, nalowomoya wokhozi uqala ukwenyuka, wena ukhwela ngaphezu kwalezozinto zezwe. Inkathazo yakho ngukuthi asiwuthameli umhlangano womkhuleko, nokuthamela ibandla, futhi senza lokho okulungile, sihlala ekhaya ukubona umdlalo othize webhayisikobho, noma into ethize efana naleyo kumathelevishini ethu, izinhlelo ezingahlungiwe, amanye amahlaya angcolile, nezinto, bayaqhumisa, futhi leyo yinto engalungile ukukubeka phambi kwesizukulwane sethu esisha sabantu. I... Kwakuvamise ukuthi kwakungalungile kubantu, abantu bobungcwele, ukuba baye emabhayisikobho, udeveli wadonsela eyodwa kubo, wawafaka ngqo endlini. Kunjalo impela.

92 O, kubi kakhulu. Kodwa, mfowethu, ake ngikutshele, ku... bangahle bakufake esibiyelweni, kodwa usalokhu uwukhozi. Nginganitshela ukuthi ikhona indlela yokuphuma kulobubusuku. Yebo, impela. Yebo, mnumzane.

93 Lokho, niyazi, kusifanele u—ukutadisha ukhozi kancanyana nje. Besingahlala kukho amahora, kodwa ake sitadishe lolukhozi okwesikhashana nje futhi sibone ukuthi luyini.

94 Manje, kuyadabukisa ukubona lokho. Amadodana namadodakazi azalwa ukuba abe ngamadodana namadodakazi kaNkulunkulu.

95 Phezulu lapha e-Iowa, esikhathini esingeside esedlule, ukuba ngime nje umzuzwana futhi, mina, umfo wangiyisa edineni naye, futhi waphumela ngaphandle futhi wabuka, wathi, wayeyi, wayefuye izingulube, lokho kungokomthetho, lokho kulungile uma efuna ukwenza lokho. Wathi, "Nginomhlambi wezingulube ozedlula yonke kulelizwe." Wathi, "Lomhlambi, ubaba wami waqala, wasikhulisa sonke thina bantwana, wangishiyela umhlambi. Ngikhulise bonke abantwana bami, ngizobashiyela umhlambi," kanjalonjalo.

Ngase ngithi, "Lokho kuhle kakhulu, mnumzane." Ngi...

Wathi, "Ngi—ngingumnikazi wakho konke lokhu..." [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

96 ...akukho-nyoka ebingakhwela kuso, phezulu le kulendawo, khona-ke luyophuma futhi luthole izimbabazane, bese lubuya futhi lweluke lesosidleke ngapha nangapha, ukuqiniseka ukuthi akukho moya ozosiphephethayo, ngoba sigxiliswe edwaleni.

97 O, he! Ngiyakuthanda lokho. UNkulunkulu wakha iBandla laKhe ligxiliswe edwaleni. "Phezu kwalelidwala, Ngiyakulakha iBandla laMi." Wagxilisa kulelidwala. UyiTshe legumbi eliyinhloko.

98 Futhi lapho lwakha isidleke salo phezulu lapho, khona-ke, manje, sonke sigcwele onamathela, ngakho manje, umama khozi, uzoqiniseka ukuthi abancinyane bakhe bazoba ne—nendawo enhle yokuhlala, ngakho uyaphuma futhi athole yonke into angayithola. Uyobulala unogwaja, adle inyama, athathe uboya bese ehlohla kulezizindawo ezincane, yonke imifantu, futhi asiqinise, size singesithokomele nje, kuhlanzeke njengoba kungaba njalo lapho—lapho isidleke sesiqediwe.

99 Manje, lona, lulungiselelani na? Lulungiselela abancinyane balo. Futhi lufuna babenenhle, encane, indawo ethambile ukuba bahambahambe, kanjalonjalo, luyabanakekela. UNkulunkulu ubenza kanjani abantwana baKhe ngendlela efanayo! O, Uyibusisa kanjani inhliziyo yethu! Lapho izinkozi ezincane zizalwa, isidleke esincane esithambile ukuhambahamba kuso.

100 Uyakhumbula okokuqala ngenkathi uzalwa ngokusha na? Lapho uMoya oNgcwele uza kuwe, futhi uba ngumKristu, wezwa sengathi ubuhamba ezimpapheni nje. Awuzange na?

101 Ngiyakhumbula ngenkathi ngisindiswa mina, kungani ngangicishe ngibe amayadi angamashumi amane ukusuka endlini, ibhodi lokuhamba ngezinyawo ligijima phezulu lapho, futhi ngiyanitshela, angikholwa ukuthi ngake ngalithinta ibhodi lingena.

Futhi uMama wathi, "Yini indaba ngawe, Billy na?"

Ngathi, "Angazi nje, Ma. Ngeke nje ngakutshela."

102 Futhi nga—ngacosha iBhayibheli lami, angikwazanga ukulifunda, ngacosha incwadi yamaculo, angikwazanga ukuyifunda, ngayibeka phansi ngase ngizungeza emva kwendlu, kwakukhona umzila kaloliwe emuva lapho, futhi ngangena kulowomzila kaloliwe, futhi ngadingeka ngidedele isitimu ndawondawo, ngehla ngomzila ngamandla ami onke, futhi ngagxumela phezulu le emoyeni ngase ngimpompoloza, "Wupi!" ngamandla ami onke nje. Ngadingeka ngiveze lowomuzwa. O, ngangintanta emoyeni. He, lokho kuzalwa okusha!

103 Lapho lolukhozi oluncane lufika, o, luyi, luyalithanda ikhaya lalo. Manje, umama khozi uyaphuma futhi athole

izinhlanzi, futhi uthola onogwaja, futhi uthola izimvu kumbe noma yini angayithola, futhi ulungisela lolukhozi oluncane ukudla okumnandi; luqiniseke ukuthi omncane uthola into efanele.

104 Ngijabula kakhulu ukuthi uJehova uyabona ukuthi amachwane aKhe okhozi amancane athola uhlobo olukahle lokuDla. UzoKubeka phambi kwakho, noma ngabe ufuna ukuKudla noma qha, uzofanele uphendule ikhanda lakho, kodwa uma uzalwa ulukhozi, "Izimvu zaMi, izinkozi zaMi, ziyalazi iPhimbo laMi." Ziyakwazi uKudla.

105 Wathi, "UyaNgithanda, Petru na?" Wathi, "Yondla izimvu zaMi." Ngiyakuthanda lokho, "Yondla iziMvu zaMi."

106 "Yondla iziMvu zaMi," ungazixoshi, zondle. Zondle ngeZwi, zithanda uKudla kwezimvu. Niyazi, abanye abantu abakuthandi lokhu uKudla kwezimvu. UKudla kwezimvu yilowomuzwa omuhle wakudala wensindiso yakudala, ukhululeke nje njengoba ungezwa, futhi akukho ukulahlwa.

107 Ngani, sasivame ukuma, futhi sishaye izandla zethu, futhi sicule, "Ngizizwe ngikahle, akukho ukulahlwa enhliziyweni yami," nginesikhathi esimnandi.

Futhi kusobala, kuzobangela amachwane amancane ukuba abheke phezulu, athi, "*Tshweke*, *tshweke*, *tshweke*, *tshweke*, *tshweke*! Ubuhlanya."

108 Kwakukhona umlimi esikhathini esingeside esedlule, wayengumlimi oshisekela ukuvelela, wayengenayo kakhulu inqolobane, kodwa nje wakha izitshalo ezinhle, futhi wenza konke ayengakwenza ukunakekela imfuyo yakhe. Omunye umfo wayenogandaganda abakahle, kodwa wayevilapha kakhulu uku—ukulima. Awu, lapho kufika ikwindla yonyaka, wa—wanquma ukhula lwakhe wayeselufaka enqolobaneni, wayenenqolobane enhle, o, he, inqolobane ekahle. Kodwa omunye umfo, akazange athathe isikhathi mayelana nenqolobane, kodwa wayebona ukuthi, izilwane zakhe zathola ukudla okuhle.

109 Ngakho, kwakukhona inkonyane eyazalwa enqolobaneni ngayinye, futhi—futhi ngonyaka olandelayo lapho kufika intwasahlobo, niyazi, i—i, mhlawumbe inkonyane eyazalelwa enqolobaneni enhle, ezikhulukazi, imicijo yendlu ephakeme, niyazi, nezihlalo ezinofonofo, niyazi ukuthi ngikhuluma ngani, ukuze niyifunde ivaliwe, kodwa yayingenakho ukudla okungako.

110 Ngakho manje-ke, bawakhipha, bobabili bakwenza, athola umoya ohelezayo omncane wasentwasahlobo. O, he, lenkonyane encane yayikade isemishini encanyanyana ezansi lapho, ndawondawo, ibandla elincane, niyazi, ya—yayikhuluphaliswe kahle, futhi iyimbulunga, futhi igcwele amavithamini, he, yaphumela lapho, nalowomoya uqala ukuvunguza phezu kwayo,

wayegcwele ujinja, iqala ukukhahlela izithende zayo futhi—futhi igxuma izungeza, izungeza, izungeza, ngani, yayizizwa kahle.

111 Bakhipha elinye inkonyane elincane, lalondliwe ngokhula lobufundisi basesontweni, niyazi. Ngenkathi iphumela lapho, umfo omncane bandla, umoya wawusuzomphephetha nje umlahle phansi, ediyazela *kanjalo*. Futhi wafaka ubuso bakhe obuncane phezulu emfantwini wothango, futhi walunguza, futhi wabona lenkonyane encane nje ijabule futhi igxuma, igxuma yonke indawo, wathi, "*Tshweke*, *tshweke*, *tshweke*, *tshweke*! Ubuhlanya obunje pho!"

112 O, ngiyathanda ukuba noKudla kwezimvu, uKudla okumnandi, amandla kaNkulunkulu, iZwi likaNkulunkulu, uMoya oNgcwele uzondla ngaKho. Yilokho iBandla elikudingayo kulobubusuku, ngokuhle, intshumayelo yeVangeli eqinile, imfundiso yeVangeli, insindiso yeVangeli, noMoya oNgcwele weVangeli. Amen. Asikukhathalele kangako... Awu, lesisizwe singahle singamdingi uMongameli omusha, idolobha lingahle lingadingi imeya entsha, kodwa esikudingayo namhlanje ngenhle, yakudala, imvuselelo kaPawulu oNgcwele noMoya oNgcwele weBhayibheli ubuyele ebandleni futhi. Yilokho esikudingayo, izimvu zondliwa ngoKudla kwezimvu, hhayi ukhula lobufundisi basesontweni.

113 Manje, lesisidleke esincane sasilungisiwe sonke, futhi lalilethela u—ukudla, futhi liyadla, futhi o, he, lalikhula. Manje lona, into yokuqala niyazi, liqala ukuba nezimpaphe, niyazi, liqala ukungena emsebenzini wesibili womusa, futhi li—liqala ukuba nezimpaphe kahle impela, niyazi.

114 Ngakho umama khozi uqala ukubuka phansi, futhi uqala ukucabanga, "Uyazi, angifuni neze ukuba abantwana bami babe yinkukhu. Yilokho kuphela." Niyazi, uNkulunkulu uzimisele nje ngalokho, futhi Akafuni sibe yizinkukhu eziboshelwe emhlabeni. Ngakho umama khozi wathi, "Ngifanele ngikubone lokhu." Ngakho, into yokuqala niyazi, lufanele lukhiphe lezozinkozi kulesosidleke, yilokho kuphela, uma zihlala lapho ziyoboshelwa emhlabeni.

115 Futhi kungaleyondlela. Wena nje...Bengihlala ngimangala ukuthi kungani sahamba futhi sathola izimfundo ezinkulu zokuya esikoleni, ukuba ngumshumayeli, bese-ke singena nawo wonke umlando webandla, nakho konke *lokhu*, nawo onke amavithamini, nakho konke, bese-ke sijikele emuva bese sithi, "Awu, kusobala, izinsuku zezimangaliso selwedlule."

116 Ungake uze umthole kanjani umuntu obulawa amakhaza, ungake uze umncibilikise kanjani ngomlilo opendiwe na? Kuthiwani-ke uma umuntu egodola, wena uthi, "Uyawubona lowomlilo omkhulukazi opendiwe lapho na? NgoSuku

lwePhentekoste kwafika inhlokomo engathi eyokuvunguza komoya onamandla, wagcwalisa indlu yonke ababehlezi kuyo."

"Yebo, ngiyaqhaqhazela."

117 "O, uMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo, iziNkotha zoMlilo." O, leyo kwakuyinto enkulu, kodwa lokho kwakusemuva. Niyabo, lowo nguMlilo opendiwe, ungeke wafudumala ngalokho. Uma sidinga uMlilo namhlanje, khona-ke ngeke safudumala ngoMlilo womlando. Usiza ngani uNkulunkulu womlando, uma uNkulunkulu ka-Abrahama engesuye uNkulunkulu ofanayo namhlanje, uNkulunkulu kaPawulu engesuye uNkulunkulu ofanayo namhlanje na? Uma uMoya oNgcwele owehla ngePhentekoste ungesiwo ofanayo namhlanje, pho-ke sikuphi na? Kunjalo.

118 Kufana nokunikeza imzwilili wakho inqwaba yezimbewu ezinamavithamini phakathi, futhi enze amaphiko amahle, futhi uwugcine esibiyelweni ngaso sonke isikhathi. Niyabo? Awukwazi ukusebenzisa amaphiko ayo. Kusizani ukufunda konke ngoNkulunkulu, uma uzama ukuthi Wafa eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili eyedlula, futhi akusekho okunye kukho na? Ngikholwa ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade, Uyaphila. Futhi Wathi, "Ngoba Ngiyaphila, nani niyaphila." Amen. Ngiyajabula ngoKudla kokhozi. Kunjalo.

119 Manje, umama khozi omdala uzimisele ukuthi angeke azijwayeze kakhulu kulesosidleke; noNkulunkulu uzimisele nje ukuthi ingane esanda kuzalwa ayizukuzijwayeza kakhulu kulelizwe. Kunjalo. Akafuni sithole ukuzijwayeza lapha, Uzolungela ukusithatha endizeni.

120 Ezinsukwini ezimbalwa ngaphambi kokuba umama khozi omdala athathe abantwanyana bakhe ekundizeni, niyazi ukuthi wenzani na? Kuqala, ukhuphukela lapho, uyasukuma esidlekeni. Futhi ezinye izinkozi zingamafidi ayishumi nane ukusuka echophweni uye echophweni, inyoni enkulukazi kakhulu esinayo. Uyoma kulesi sidleke, umama-khozi omdala ngokwejwayelekile uba ngomkhulu kunazo zonke ezimbili, futhi uyohamba aye emuva naphambili phezu kwalesi sidleke, futhi uyomemeza, "*Khawu!*" lokho kumemeza okuhlabayo ukhozi olukunikezayo.

121 Uzama ukwenzani na? Uzama ukufundisa izingane zakhe umsindo wephimbo lakhe. Mm! Zizongena ezingozini ezithile esikhashaneni esincane, ngakho-ke bafanele bazi umsindo wephimbo likamama. O, ngiyanitshela ukuthi kuyanikhokhela ukulalela iPhimbo likaNkulunkulu, iPhimbo elincane elihashazayo elikhuluma lijulile nelicebile, Kuheha ukunaka kwabantu baKhe.

122 Futhi uya emuva naphambili phezu kwalesi sidleke, bese kuthi-ke, ngezinye izikhathi, uyokwelula lawomaphiko amakhulukazi, awabhakuzise emuva naphambili. Nalezozinkozi

ezincane zizo, kuyothi nje ukuzinyakazisa zehle kancane, niyazi, futhi ziyobuka emuva, futhi "O, Mama, uyinyoni enkulu kangaka pho!"

123 O, ngiyakuthanda nje lokho, ngoba uNkulunkulu unamaphiko amabili, iTestamente eLidala neLisha. Uyawendlala, futhi siyakubheka, futhi sibheke phezulu, futhi sithi, "Umkhulu kangaka! Umkhulu kangaka!" lapho sizwa ukuthi Wavula uLwandle oluBomvu futhi wawelisa abantwana bakwa-Israyeli, Wavusa uLazaru kwabafileyo, Unguye izolo, namuhla, naphakade, iTestamente eLisha neLidala, uNkulunkulu ofanayo, uJehova ofanayo, uMoya oNgcwele ofanayo khona eBandleni namhlanje, uya emuva naphambili.

124 "Niyabona ukuthi Ngimkhulu kangakanani na? Nginguye owakhulula uMose, Nginguye owakhulula uDanyeli, NgiyiLowo ofanayo, owakhipha abantwana bamaHeberu esithandweni somlilo, NgiyiLowo ofanayo owayeseSodoma naseGomora, NgiyiLowo ofanayo owakhuluma no-Abrahama. O, NGINGUYE ENGINGUYE. NGINGUYE." Khona manje! Manje!

125 O, uNkulunkulu uzothatha izinkozi zaKhe ezincane andize nazo ngazodwa ngolunye lwalezizinsuku. Yebo, mnumzane. Ulungiselelani na?

126 Niyabo, azizange zazi lutho ngaphandle kwesidleke, azizange zazi lutho ngaphandle kwehlelo noma isivumokholo. Futhi ziyizinkozi, ngakho uNkulunkulu uhamba eya emuva naphambili, ngisho nakulomhlangano, ubusuku nobusuku, ekhombisa ukuthi Uyini, Ungu "NGINGUYE ENGINGUYE," Washo. UnguNkulunkulu, UnguJehova-Khozi, ezama ukukhombisa abantu ukuthi Usengenkulu efanayo, iNyoni enamandla.

127 Uthi, "Niyawabona lamaphiko ami amakhulu na?" Umama khozi, "Manje, umfowenu omdala kunabo bonke, nalabo abandizayo phakathi lapha ukukubona kanye ngankathi, Ngabakhipha esidlekeni ngalamaphiko, kholwani kimi."

128 O, haleluya! Ngibuka emuva ePhentekoste, Uphushela amaphiko aKhe phezulu ukubanika iPhentekoste ngo A.D. 33, Unika abantwana bami iPhentekoste nanamuhla. Amen. "NginguJehova-Khozi, ngiyakuthwala ngamaphiko okhozi. Nginguye izolo, namuhla . . . NganginguYe Owaletha abantwana bamaHeberu esithandweni somlilo, NganginguYe owakhuluma noMose esihlahleni esivuthayo, Nginguye, ngifuna uphume. Uma ugula, uma ungodingayo, Ngifuna uphume. NGINGUYE ENGINGUYE. NginguJehova, yizwa iPhimbo laMi."

129 Ngilaleleni, ungathathi iphimbo lenkukhu ethize izama ukukhuluma nawe, noma omunye umthuthambi, Kungcono ulalele uMama Khozi, leli yiPhimbo lakhe eZwini ngqo.

130 Uzokwenzani Yena na? Manje, lamaphiko amakhulu, bafanele bethembe lawomaphiko. Manje, ubuka amachwane akhe, selokhu kade ekulesi esidala, isidleke sobufundisi basesontweni, futhi awabukeki emahle kakhulu. Manje, zinenqwaba yezimpaphe ezixegayo kuzo, futhi luyazi uma luke lwathatha olunye lwalezozinkozi phezulu emoyeni, bese eluqathaza ngalezozimpaphe ezixegayo, luyokwephuka intamo yalo.

131 Futhi nje kunokungabaza okuningi kakhulu ebandleni namanje ukuqalisa ukundiza. Kunjalo. Sinezinduku zezimpaphe eziningi kakhulu, izimpaphe eziningi ezixegayo. Ngakho niyazi ukuthi Wenzani na? Ulunika umsebenzi wesithathu womusa. Lima emuva lapho, futhi lithatha lamaphiko amakhulu, futhi liqala ukuwabhakuzisa *kanjalo*, nomoya onamandla ovunguzayo wehla wedlula lapho, nazo zonke izimpaphe ezixegayo ziqala ukundiza.

132 O, lapho lowomoya onamandla ovunguzayo uvela eZulwini, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, zonke izimpaphe zokungabaza zizondiza ziphume kuwe. Amen. Manje, ngizizwa ngikholwa, amen, ngiqala ukuzwa sengathi ngikhuluma nani manje.

133 O, lapho lezozinsuku ezindala zokungabaza, izimpaphe ezincane ezindala zinamathele lapho, zithi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into okuthiwa nguMoya oNgcwele."

134 Makuthi lowomoya onamandla ovunguzayo uvela kulawomaphiko eTestamente eLisha neLidala uqala ukundiza uye emuva naphambili, uthi, "UJesu Kristu, onguye izolo, namuhla, naphakade!" Ukuthi zonke izimpaphe ezindadlana zikaphini ziqala kanjani ukundiza! Kungcono ungaqali ngawo kuwe, uma uzokwenza, uyoqhuma phezulu emoyeni ndawondawo, awusoze wathatha lokho kundiza ngawedwana.

135 Luyalungela. Awu, lushayisa ngomoya zonke izimpaphe kuzo, abone uma zonke zilungile futhi ziqinile. Manje, lulungiselela ukuzithatha ngendiza. Azifuni ukuhamba, zenelisekile impela zihamba kulesosidleke. Ngakho niyazi ukuthi lwenzani ngokulandelayo na? Lundizela ngqo kulesosidleke, bese luthatha lowomlomo omkhulu, bese lucosha lezozimpaphe luzikhiphe, lucosha lukhiphe isikhumba semvu, lusilahle ngaphandle, bese lusiphosa ngale kwezindonga, akusekho lutho olusele phakathi lapho ngaphandle konamathela nalaba bafo abancane unesikhathi esinzima.

136 Uyazi cishe okokuqala ukuthi uze uthole uMoya oNgcwele, uyazi, futhi wonke umuntu uqala ukukhuluma ngawe, futhi ahlekise ngawe, nakho konke okunye. Niyakhumbula ukuthi kwakunjani lokho na? Njalo lapho ehlala phansi, kuyahlaba, "*Umfu!* E!" nasemuva lapho, niyazi. Kodwa

Akafuni ukuba uzijwayeze lelizwe, Uselungele ukukuyisa Ndawondawo. Ngezinye izikhathi Uvumela isifo sikushaye, uvumela umdlavuza, uvumela isimila, noma into ethize ikushaye ukubona ukuthi usukulungele yini ukundiza. O! Abone ukuthi usulungele yini. Ziphi zonke izimpaphe na? Abone ukuthi yonke into ilungile yini. Yebo.

137 Udokotela wangibuka, wayesethi, "Uneminye imizuzu emithathu yokuphila."

"Yebo, kodwa ukuba bengingalalela lokho, bengiyobe sengifile eminyakeni edlule." Kodwa Wavele nje waphephetha zonke izimpaphe ezixegayo *ngandlela-thize enye*.

138 Futhi ukhozi oludadlana, luyoqala lwenyuke futhi lona, yonke into iwuhlobo olulusizi, uyohlala phansi, "*Umfu!*" uhlabeka ezinyaweni zakhe, futhi uthola onamathela esidlekeni sonke, lezo zimbabazane ezindala, lubafaka phakathi lapho ngenhloso. NeBhayibheli lisitshela ukuthi izivivinyo zethu ziyigugu kakhulu kithi kunegolide eliyigugu, bese-ke siqophisana ngakho.

> O, ngifanele ngithwalwe ngiye ekhaya eZulwini
> Embhedeni onezimbali wokukhululeka,
> Kanti abanye balwa ukuba bazuze umklomelo,
> Futhi bagwedla badabula izilwandle ezinegazi na?

139 Ngani, thina bantu baseMelika, ufuna nje ukuhlala emuva futhi ubungazwe, futhi uma umuntu esho okuthize, "Awusho, ngizwile ukuthi ujoyine abagingqiki abangcwele!"

"Awu, ngiqagele ngeke ngisabuyela emuva, nkosikazi."

140 O, he, uwukhozi oludabukisayo, ungahle ube nguklebe, kodwa awusilo ukhozi, leyo yinto eyodwa eqinisekile. Ake ngikutshele, mfowethu, yebo, mnumzane, uma uyinqe udla izinto zezwe, kodwa ukhozi ludla inyama esentsha. Haleluya!

141 Ukhozi lukaNkulunkulu ludla iZwi likaNkulunkulu futhi Lelo lodwa. Aluna . . . Alukwazi ukuyifaka esiswini leyonto endala yezwe, kunjalo, ngeke—ngeke kugayele, alukwazanga nje ukukumela, noma kanjani. Lufuna inyama esentsha, lufuna ubusha bukaMoya oNgcwele, inyama kaNkulunkulu ephuma ngqo eBhayibhelini. Luyakulangazelela, luzoshayela ludlule eziphephweni zeqhwa, nandawo zonke. Lapho luzwa ukuthi kukhona imvuselelo eqhubekayo, luyosuka luye kuyo ngamandla alo onke. UJesu wathi, "Lapho kukhona isidumbu, izinkozi ziyobuthana." Amen.

142 Noma ngabe bayiPresbyterian, iMethodisti, iBaptisti, kumbe noma babeyini, lapho amandla kaNkulunkulu eqala ukwehla ngokweZwi likaNkulunkulu, izinkozi zangokoqobo ngempela zizoza kulowomkhosi, akukho lutho ezweni oluzivimbayo

lapho. Ziyohamba noma kanjani, lapho amandla kaNkulunkulu ehla-. . . Ungathi zingabagingqiki abangcwele kumbe noma yini ofuna ukuyisho, ziyohamba ngokufanayo nje, zingenzi . . . ngoba izinkozi zazo, zi—zidla kulokho, yilokho ezizondla ngakho.

143 Nalomama, kufika isikhathi, uzofanele ahlakaze lesi sidleke, futhi usiphosa ngaphandle sonke, futhi alahle yonke i—i—ingxenye ethambile, bese ebeka ezinye izivivinyo phezu kwakho. Manje, uklebe omncane ubuyokwenzani, uhlezi kulesosidleke na? Awusoze waphuma lapho, yilokho kuphela. Kodwa ukhozi, luhlakaza isidleke salo futhi selulungele.

144 Manje, ngolunye usuku luthi, "Manje ngicabanga ukuthi sekuyisikhathi sokundizisa abantwana bami abancane." Futhi luza lumemeza kakhulu emoyeni.

"Ya, nango uMama eza!" Ziyakwazi.

145 NjengeBandla eligcwaliswe ngoMoya oNgcwele, lapho uMoya oNgcwele uqala ukwehla, izandla ziyophakama, "Haleluya, Yena ulapha!" Amen. "O, ngijabula kakhulu!" Ngani, nakhu kuhlezi umakhelwane wakho lapho, awukhathali ukuthi ubani ohlezi lapho, Umama Jehova uzongena esidlekeni. Udumo! Mm!

146 Makawe kulobubusuku, Asakaze amaphiko aKhe amakhulu kulendawo lapha, athwale wonke umuntu osesihlalweni esinamasondo, sonke isoni siye e-altare. Uyofika egibele emaphikweni okhozi. Amen. O, ngizizwa ngikahle! Yebo, mnumzane, Uzongena, uma uzoMvumela, uma uzoMmema. Uyakuzwa lokho kumemeza okukhulu kufika, "Izimvu zaMi ziyalazi iPhimbo laMi. Zingakusho lokho."

147 O, ngangikhuluma nodokotela esikhathini esingeside esedlule, futhi wathi, "Billy . . . "

148 Nganginalomhlangano ehholo lesikole esiphakeme eJeffersonville, ekhaya lami, nabantu baqala ukumemeza futhi bedumisa iNkosi, ezansi lapho, ngoba ezinye izinto zenzeka. Nodokotela wathi kimi . . . Ngathi, "Ucabangani ngalokho, Dok na?"

Futhi wathi, "Billy, uyazi ukuthini? Ngicabanga ukuthi labobantu bayaxhuxhuma nje."

Ngathi, "Ungudokotela, futhi uyazi ukuthi awukwazi ukuxhuxhuma, ngaphandle uma kukhona okukuxhuxhumisayo."

149 O, udumo kuNkulunkulu! Impela, Kuyakwenza. NguMoya oNgcwele ongena futhi usixhuxhumise, sesilungele ukuthatha indiza ngolunye lwalezizinsuku siye eNkazimulweni. Impela, kuyaxhuxhumisa, uma lokho bekungaxhuxhumisi, bengingakushintsha kube yinto ethize exhuxhumisayo.

150 Ngingafakazisa kini ngesayense, ukuthi noma yini enga—enganyakazi ifile. Kunjalo. Niyazi, uma ingane izalwa futhi

ingakhali, ayiklabalasi, a—ayenzi lutho leyongane ifile. Yileyo indaba ngebandla namhlanje, sinezingane ezininingi kakhulu ezizalwa zifile. Niyazi ukuthi udokotela ngokwejwayelekile wenzani na? Ayiqukule ngezithende, bese eyinika ukuvuselela amandla ngemuva, okuyilungisa kahle nje.

151 Futhi lokho iBandla elikudingayo namhlanje ngokuhle, ukuvuselela amandla kwakudala kwamandla kaMoya oNgcwele ukuba kungene eBandleni, kusidabule, futhi kusinyakazise, kuhlakaze isidleke, futhi kuphephethe kukhiphe izimpaphe ezixegayo. IPentecost idinga ukuhlakazwa. Amen. Kuphephethe kukhiphe izimpaphe ezixegayo, sithola okukhulu ukungabaza phakathi kwethu, izinkolelo-ze, futhi "Bekungaba njalo na? Kuyoba njalo na?"

152 Impela, kunjalo, iZwi likaNkulunkulu lathi kunjalo, uKudla kokhozi kufakazisa ukuthi kunjalo. Amen. Impela, kunjalo. Ukhozi-uJehova luyangena, luhlakaza isidleke, ibandla liyathola nalo, li—limile. Ya. Kungcono angene futhi akuhlakaze.

153 Awu, wena uthi, "Mfowethu Branham, sengivele nginawo uMoya oNgcwele."

Ya, kodwa bathola izimpaphe ezixegayo phakathi lapho. Niyabo?

154 Ngangimi ngasolwandle ngesinye isikhathi, kwakuyiLake Michigan, ngempela, lapho okwakukhona, futhi ngayiqaphela leyonto, amanzi eqhuma engena, futhi eqhuma ephuma. Ngama lapho futhi ngacabanga, "Izikhukhula zenjabulo phezu komphefumulo wami, njengamaza olwandle eginqika." Ngaqala ukucabanga, ngacabanga, "Uyazi ukuthini nokho? Alikho nelilodwa iconsi lamanzi kulolulwandlekazi, noma, lelichibikazi, kunoma likhona lapho lithule ngokuphelele."

155 Kunjalo, linesilinganiso esifanayo samanzi, kodwa liyagxuma futhi liqhubeka. Ngacabanga, "Awu, yini indaba na? Kunemvuselelo eqhubekayo. Kwenzani lokho na? Lukhuculula yonke imfucumfucu ngale ogwini."

156 Yilokho esikudingayo namhlanje ngenhle, eyifeshini endala, imvuselelo ethunyelwe nguNkulunkulu ukukhipha ukungabaza nodoti ezinhliziyweni zethu, ikuwashele ogwini, khohlwa yikho, amen, ihlanze ulwandle. Amen. Yilokho esikudingayo, ukugijima okuhle okudala.

157 Ngithanda into ethize enokuphila, enyakazayo. Nganginguumqaphi wezinyamazane kahulumeni e-Indiana, ngangivame ukwedlula ngasesiphethwini, leso kwakuyisiphethu esihle kunazo zonke engake ngazibona, ihlobo noma ubusika, sona njalo, *phuphuma*, *phuphuma*, *phuphuma*, *phuphuma*. Ngacabanga, "Awu, uyazi, leyo yinto ejabulisa kunazo zonke engake ngayibona." Ngahlala phansi ngelinye ilanga, ngase ngithi, "Kukhona engifuna ukukubuza khona, Mnu. S'phethu. Kungani nijabule kangaka na? Uphuphumela ini ngaso sonke

isikhathi na? Ngabe ujabule kakhulu ngoba onogwaja baphuza kuwe na?"

"Qhabo," besiyothi, uma besingakhuluma.

Ngathi, "Awu, khona-ke uyajabula ngoba, mhlawumbe, ukuthi izinkomo ziphuza kuwe na?"

"Qhabo."

Ngathi, "Yini ekwenza uphuphume khona-ke na? Ngoba ngiphuza kuwe na?"

Besiyothi, "Qhabo, Mfowethu Branham, hhayi lokho."

Ngithi, "Yini ekwenza uphuphume na?"

Siyothi, "Akusimi ophuphumayo, yinto ethize emva kwami engiphuphumisayo."

158 Kuyilokho-ke. Yilokho iBandla elikudingayo namhlanje, nguMoya oNgcwele emva kwabo ukuba baphuphume kancanyana, baphonse bakhiphe lokho kungakholwa, nemfucumfucu, noku—ukucabanga ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedlule, kanjalonjalo. Asibuyele emandleni amakhulu kaJehova, uKudla kokhozi okukhulu kukaJehova, futhi sikholwe ukuthi singabantwana baka-Abrahama, izinkosi ezibizwe nguNkulunkulu. Sibuyele eVangelini, sibuyele eZwini, sibuyele eqinisweni, sibuyele eKudleni, uKudla kweNgelosi, uKudla kwamadodana kaNkulunkulu.

159 Ukhozi luhlakaza isidleke salo lulungela ukundiza. Yebo. O, kuhle kakhulu ukwazi lezizinto! Khona-ke into yokuqala niyazi, umama khozi omdala ukhuphukela lapho futhi uyamemeza kakhulu, futhi ziyalazi iphimbo lakhe. Bese-ke ehlela lapho lezozinkozi ezincane zikhona, futhi uzinika isifundo, "Nilungiselela ukuthatha indiza manje. Kukhona okulungiselela ukwenzeka, kodwa ningesabi uma ningethemba."

160 Njengo-Abrahama izolo ebusuku, "Phuma lapha, thatha indodana yakho uqobo, yenyusele lapha esiqongweni sentaba, futhi uyinqume umphimbo wayo. UzoNgethemba na?"

"Ngiyakwethemba, Nkosi," kwasho u-Abrahama. O, he!

161 Kukhona okwenzekile kuwe, ugulile, kukhona okwenzekile, *lokhu* kwenzekile, omunye umuntu uhlekise ngawe, ubasi uthe uyokuxosha uma ekubamba ukhuleka futhi; Uzokuvivinya ukubona ukuthi uyini. "Yonke indodana eza kuNkulunkulu ifanele ivivinywe futhi ilaywe." Yilokho-ke. "Futhi uma ningenakukumela ukulaywa, niba ngabantwana besihlahla, futhi hhayi abantwana bakaNkulunkulu."

162 Lapho indoda ikhuphuka, angikhathali, ingahle imemeze, ingahle ikhulume ngezilimi, ingahle iprofethe, ingahle yenze noma yini eyithandayo, futhi uma ingena kulokho kuvivinywa futhi ihlehle, ayisiyo indodana kaNkulunkulu. Qhabo, mnumzane. Uma kuthatha impilo yayo, ima lapho ngokufanayo

nje, ngoba iyazi ukuthi ikholwe Bani, futhi ikholisekile ukuthi Unamandla okulonda lokho ekunikele kuYe ekulungiseleleni usuku. Amen.

163 Manje umama khozi uthi, "Lungelani, bantwana, ngizonindizisa ngayedwana kulokhu ukusa."

164 Ngakho luhlehlisa luphakamise amaphiko alo amakhulu, futhi ngalunye lwalezizinkozi ezincane lukhwela phezu kwalawomaphiko amakhulu. O, ngiyakuthanda lokho! Phezu kweTestamente eLisha neLidala omabili. Zikhwela kuwo *kanjalo*, futhi uthi, "Kulungile, ngibambisiseni phansi ngqo." Lufinyelela ngale bese luthatha umlomo, lubambe olunye lwalezozimpaphe ezinkulukazi ukuthi ubungeke uludonse ngepheya lezindlawu, lubeke umlomo walo omncane ngapho, bese lubamba phakathi lapho, luhhuke ihhuku lalo elincane ngalapho, luthathe lezizinzipho ezincane, luzihhuke phansi emaphikweni, bese luthi, "Kulungile, Mama, sengilungele." O, he!

165 UJehova ini na? UNkulunkulu uSomandla, u-El Shaddai, Onamabele, uKhozi olukhulu, Onamaphiko, iBhayibheli, iTestamente eLidala neLisha. Bamba nje, noma yini oyidingayo, bambelela ngqo esithembisweni sikaNkulunkulu, bese uhlala khona lapho, akunandaba ukuthi kwenzekani, bambelela. Bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo.

166 Ufinyelele phezulu. Futhi wathi, "NgiyiNkosi, ephulukisa zonke izifo zakho." Kubambe. Uma Athi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo, uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, bayakusinda." Kubambe. "Babusisiwe abalamba bomele ukulunga, ngokuba bayakusuthiswa."

167 Umelusi uthi, "Ayikho into enjalo namhlanje."

168 Bamba lokho uNkulunkulu akusho, beka ihhuku lakho ngapho bese ubamba. Ulungiselela ukuthatha indiza manje, khumbula, kubukeka kuyingozi, bambelela. O, ngijabula kakhulu! Kungani uklebe wawungeke ukwenze lokho ukuba wawufanele ukwenze. Inkukhu ayinalo ngisho ihhuku emlonyeni wayo, ibiyoshelela ngaphambi kokuba iphume esidlekeni. Okokuqala noma ubani asho okuthize ngayo, iyothi, "O awu, ngiqagele bekungalungile."

169 O, kodwa ukhozi luyinyoni eyakhiwe ngokukhethekile. Ihhuka lelohhuku elidadlana ngalapho, bese lufaka lezozinyawo phakathi lapho, futhi luyazi ukuthi kubanjelelwa kanjani. Bambelela emaphikweni esiphambano, mfowethu, makuthi lona, makuthi iziphepho zizamazame, luyaqhubeka nje luhamba, lukhuphuka.

170 Lelula lawomaphiko amakhulu, luphakamise lezozinkozi ezincane, luzwa isisindo sazo *kanjalo*, lugxuma kakhulu esicongweni salelidwala. Manje, lababafo abancane abakaze bawuzwe lowomoya ngaphambilini, leyo yinto exakile kubo.

171 Niyakhumbula, okokuqala nikuzwa, amachwane ezinkozi, lowoMoya oVunguzayo onaMandla wehla uvela eZulwini wahlala phezu kwenu, neziLimi ezihlukene njengomlilo zihlezi phezu kwalowo nalowo wabo, uyakhumbula ngenkathi Ukushaya na? Kwakuyinto exakile nina, maMethodisti, maBaptisti, iPresbyterian, iLuthela, iKatolika, nePilgrim Holiness, amaNazarene, kanjalonjalo. Wawukade uzelwe, impela, wawukade uzelwe ngokusha, umKristu ngokukholwa, kodwa ngenkathi lowoMoya uqala ukufika, o, izimpaphe ezixegayo ziqala ukundiza, ngiyanitshela, kukhona okwenzekayo, Wawulungiselela ukundiza kwakho.

172 Ngakho ukhozi oluncane lwababambelela. Umama omdala wathatha amaphiko akhe, futhi wagxuma waphuma esidlekeni, uqala ukuphakama kakhulu, aphakame kakhulu angene esibhakabhakeni, o, he, le enyuke, enyuke, enyuke, le aqhubeke, le aqhubeke. Uma kwenzeka kube nenkukhu lapho, isihambile ngalesosikhathi, ibiyovele nje ibuthuke futhi iwe, kodwa lezi zinkozi ezincane zakhiwe ngokukhethekile, ziyamazi uNkulunkulu.

173 UNkulunkulu wakubiza, Wakwazi, futhi wakumisa, futhi wafaka igama lakho eNcwadini yokuPhila yeWundlu ngaphambi kokuba izwe lize libunjwe, yilokho iBhayibheli elakusho. Umphikukristu ngezinsuku zokugcina, uyodukisa bonke phezu komhlaba, abamagama abo angalotshwanga eNcwadini yokuPhila yeWundlu, kusukela ekusekelweni kwezwe. Kunjalo. Wesabani na? Gibela.

174 Ungesabi, mfowethu osesihlalweni esinamasondo. Ungesabi, dadewethu. Ungesabi, mfowethu. Wena onomdlavuza, inkathazo yenhliziyo, kumbe noma ngabe kuyini, ungesabi. UNkulunkulu ukumemile ukuba ubambe amaphiko esiphambano kuleliBhayibheli lapha, isithembiso sikaNkulunkulu, futhi usuke undize ungene esibhakabhakeni.

175 Wathi, "Bengingekho phezulu lapho ngaphambilini, Mfowethu Branham."

Bambelela kuYe, Uzokwenyusela lapho.

"Ngingakwenza kanjani, Mfowethu Branham na? A—angi . . . Angizange ngisinyakazise isandla sami, ngi—ngi—ngi—ngi . . . "

Akwenzi mehluko, kugudluze, empeleni, uNkulunkulu washo njalo. Amen. *Brrrr*!

176 Ngiyazi nicabanga ukuthi ngiyahlanya, kodwa uma nginjalo nje ngiyekeleni, ngijabule kakhulu ngalendlela, kunoma benginjalo ngenye indlela, ngakho nge—ngenelisekile ngalendlela. Enye indlela nganginezinkathazo, nokutatazela, nakho konke, manje mina, akukho ukulahlwa, ngizizwa ngikahle nje. Niyabo? Ngakho, ngiyakuthanda lokhu. Yebo, mnumzane.

"Ngendlela ethiwa ukweduka, yileyondlela engikhonza ngayo uNkulunkulu wawobaba bethu." Kunjalo.

177 Manje, umama khozi omdala ukhuphukela kude kakhulu aze angabe esabonwa, cishe impela. Niyazi ukuthi lwenzani kulezozinkozi ezincane, lapho lufika phezulu lapho na? Ngike ngazibhekisisa isikhathi esiningi. Luyazithintitha zonke.

"O, wena mama ononya!"

178 O, qhabo! Wena mama ohlakaniphile. Luzithintitha zonke emoyeni, ngoba alwesabi. Uma kwakukhona, zazinokuzethemba ngokwenele ukubeka ukuzethemba kwazo, lona . . . Zase zivele zabuka onke amaphiko alo amakhulu, zazazi ukuthi lwaluyini, zazibonile, futhi lwaluzitshelile ukuthi abafowabo wayeyini, ngonyaka ongaphambili. Futhi lwalazi ukuthi zazindiza, zazi ukuthi zazindiza. Lwalazi ukuthi zaziyizinkozi, futhi lwalungesabi ukuzithintitha.

179 UNkulunkulu akesabi ukukufaka ekuvivinyweni. Ngenkathi Ethi kuJobe . . . USathane wathi, "O, ya, Umbiyele wonke." Wathi, "Menze . . . Yephula lolothango olumzungezile, ngizomenza aKuthuke ebusweni baKho."

Wathi, "Usezandleni zakho."

180 O, he! UNkulunkulu akesabi ukubeka izinkozi zaKhe e—ekuhlolweni kokundiza. Akesabi, Wethembele kuwe. Wayengesabi ukufaka u-Abrahama ekuhlolweni kokundiza, Wayethembele kuye. Futhi Akesabi ukubeka iNzalo ka-Abrahama ekuhlolweni kokundiza, ngoba Wethembele kuwe.

181 Luthintitha lezozinkozi ezincane ngqo emoyeni, lwathi, "Kulungile, bantwana, zibhakuzeleni nina." Mm, he! Olunye lwazo, niyazi, lu . . . Khona-ke lwenzani na? Lushwibeka ngesivinini luya ohlangothini olulodwa, luyantweza, luzibhekisisa.

182 Into yokuqala niyazi, olunye lwalezizinkozi ezincane lusemhlane walo, lubhakuza ngamandla alo onke, olulandelayo lubhekise ubuso phansi, lubhakuza ngamandla alo onke, kodwa luyazibhekisisa. Azinandaba, zinejubili lePhentekoste nje zibhakuza, azinandaba. Uma zigumbuqela, zingasakwazi ukubhalansa, zithembele kwamakhulu, amandla enele konke kanina. Futhi uma omunye walabobafo abancane ephuma ekugumbuqekeleni, futhi ephenduka ngokushesha kakhulu, noma okuthize, luyothi shwi ngaphansi kwakhe ngqo, futhi amqukule, bese embuyisela emseni futhi. Amen. Udumo!

183 Yebo, mnumzane. Ungesabi lapho Esekukhuphulele kulemikhawulo ongayiqondi ngisho, nokho kulotshiwe eZwini laKhe ngoba ubuka ngamaphiko aKhe, Wakwethembisa, bhakuza nje.

184 He, ngiyabezwa bempongoloza, "Haleluya! Udumo kuNkulunkulu! Makabongwe uNkulunkulu! Ngenza kanjani?

Anginandaba, kodwa nje nginesikhathi esimnandi. Udumo kuNkulunkulu! Makabongwe uNkulunkulu! Haleluya!"

Nesikhukhukazi esingumama esidala phansi emhlabathini sibuka phezulu lapho sase sithi, "*Tshweke*, *tshweke*, *tshweke*, *tshweke*! Ubuhlanya obunje pho!"

185 Akazi ngisho nento yokuqala, akazange aphakame ukwedlula isigxobo sasesibuyeni. Futhi izikhathi ezininginingi ihlelo liphula amaphiko akhe ukuze angakwazi ukuphakama kangako.

186 Mhlawumbe kungcono ngithule. Kodwa o, mfowethu, ngiyazi ukuthi ngikhuluma ngani. Yebo, mnumzane. Lezozinkukhu azazi lutho ngokwasezulwini, azikaze zibe phezulu lapho.

187 Esikhathini esithile esedlule, umfo wayeshumayela ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, ngeke ngisho ukuthi kwakungubani, futhi kwathi nje—kwathi nje angahamba, kwakukhona omunye umfo wenyukela lapho, wayesethi, "Ayikho into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Ayikho into okuthiwa nguMoya oNgcwele. Lowomshumayeli uyahlanya."

188 Kwakukhona umfana wasemaphandleni omdala ehlezi emuva lapho, egqoke ijakhethi ye-ovaloli, izinwele zilenga, nomlomo wakhe, izinyo elilodwa liphumile, uza enyuka edabula esakhiweni *kanjalo*, futhi wama futhi wambuka phezulu, wafinyelela phansi, wathola i-apula, waqala ukulicwecwa *kanje*.

Umshumayeli, noma, ophikisayo enkulumweni-mpikiswano wathi, "Ufunani, amanzi esihlahla na?"

Wathi, "Ngifuna ukukubuza umbuzo." Waqhubeka nje nokucwecwa.

Wathi, "Awu, ufunani na?" Waqhubeka nje nokucwecwa i-apula. Wathi, "Khuluma, kungenjalo ngizokwenza, ngikukhiphe lapha."

189 Wathi, "Ngifuna ukukubuza umbuzo." Waqhubeka nokucweca i-apula, niyazi, wasusa okucweciwe, walisika, wakhipha umnyombo, wafaka ucezu olulodwa emlonyeni wakhe, waqala ukuluhlafuna *kanjalo*.

Wathi, "Ufunani na?"

Wathi, "Ngifuna ukukubuza umbuzo." Wathi, "Ngabe leli-apula limnandi noma limuncu na?"

Wathi, "Angazi, angilidli."

Wathi, "Yilokho nje engikucabangile."

190 Wazi kanjani noma yini ngoMoya oNgcwele ube ungakaze ube nokuWunambitha na? Impela, awukaze udle, awukaze uWuzame. Uzame ngesinye isikhathi, UluJu edwaleni.

Haleluya! NgaMandla kaNkulunkulu ensindisweni, u—ukuvuka kukaJesu Kristu, KunguKudla kokhozi, IZwi likaNkulunkulu, iBhayibheli likaNkulunkulu, uNkulunkulu washo njalo, lokho kuyakuxazulula ingunaphakade. "Ngokuba isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, kubo abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Leso yisithembiso saKhe, futhi Uyasigcina isithembiso saKhe. Amen.

191 Lolukhozi oluncane luyabhakuza luyazungeza nje, niyazi, zinejubili lePentecostal, zimemeza nje, futhi zigxuma. Zi—zine. . . Ziyakholwa. Uma umama ezikhuphulele lapho, umama angazinakekela.

192 Uma uNkulunkulu engitshele ukuba ngiMethembe, ngizoMethemba nje, Angikhathali ukuthi ngigumbuqela kanjani, Uzongisiza, ngandlela thize, angazi. Kodwa into kuphela engiyaziyo, ngifuna ukubhakuzisa amaphiko ami, konke ukukholwa enginakho eTestamenteni eLisha neLidala, o, he, ngibhakuza emuva naphambili. UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. Qhubeka nje ubhakuza futhi undiza.

193 *Ngandlela thize enye*, uma Ethumela Umoya Ovunguza ngaMandla, Ulahla zonke izimpaphe ezixegayo. Ungakumela, kungenjalo Ubengeke akuphakamisele lapho, vele ubeke ithemba lakho kuYe kanye, ubone ukuthi Uzokwenzani, lokho ukundiza kwakho ngawedwana. O, he! Ngizizwa ngikahle ngempela. Aninjalo na? O, he!

194 Isikhathi sokuhlakaza isidleke, ibandla lePentecostal lidinga isikhathi sokuhlakaza isidleke, lidinga imvuselelo eyifeshini endala. Njengoba Akhuluma ngoJakobe, wayeyinhlamvu yeso laKhe, wenza okungalungile, kodwa Wamthola ehlane, futhi Yena, njengokhozi luhlakaza isidleke salo, Wathwala uJakobe emaphikweni aKhe. Amen.

195 IBandla lenze okungalungile, sonke senze okungalungile, kodwa siyinhlamvu yeso laKhe. Uselungele ukuhlakaza isidleke kulobubusuku, athumele uMoya oNgcwele angene futhi athintithe zonke izimpaphe ziphume, futhi abe nemvuselelo lapha kuleYakima Valley ezoxwayisa isizwe. Uzokwenza. "Njengokhozi luhlakaza isidleke salo, lubhakuzele phezu kwamazinyane alo, luwaphakamise ngamaphiko alo, futhi luwathwala phezulu emoyeni," Wathi, "Wenzenjalo noJakobe. Futhi ifa leNkosi lingabantu baYo." Amen. Yilokho-ke. Ifa likaNkulunkulu ngabantu baKhe.

196 Watshela uMose, Wathi, "NgiyiSabelo sakho."

197 Ngolunye usuku, ngangimi eduze. . . Lokhu kuhle. Ngangihamba ngakuMfowethu Tommy Osborn, lowo onomoya omuhle, umfowethu ongumKristu, uTommy Osborn. Walethwa enkonzweni yakhe laphaya ngalobobusuku ngenkathi uhlanya lugijimela emsamo ukungibulala ePortland. Futhi khona-ke, uye phesheya kwezilwandle, futhi wenze i. . . Uyi—uyindoda

engcwele kaNkulunkulu. Ngabuka esakhiweni sakhe esikhulu, wangithatha wangihola lapho, sasisihle kanjani pho!

198 Manje-ke nakhu kufika umfowethu othandekayo, u-Oral Roberts, enye yamadoda anomoya omuhle kunawo onke, namadoda amahle kunawo onke, noNkulunkulu umethembe ngomcebo omkhulu, nakho konke. Futhi lapho ngaya esakhiweni sakhe, futhi ngedlula lapho, futhi ngabona zonke lezozinto zakhiwe ngesimo sobuthathu. Akukho zingilazi eceleni, yonke imabula evela kwamanye amazwe, no—nosilingi uyi-aluminiyamu, zonke izintambo ze-aluminiyamu zazilukwe zisondelene ndawonye, imishini engamakhulu amahlanu noma okuthize phakathi lapho, njengolayini wokuhlanganisa, ugeleza, nezincwadi amaletha, nokunye nokunye. Ngacabanga, "O, he!"

199 Ngaphumela ngaphandle, ngase ngithi kuMfowethu Fisher, lowo engaba yisithunywa senkolo naye e-Afrika, wayengihola. . .Futhi ngangena e—esibukweni ngase ngibona lezozandla ezinkulu ezinhle zehlela phansi, njengezandla zikaNkulunkulu, nezoni zifinyelela kuYe, inhliziyo yami yavele yagxuma yinjabulo. Ngacabanga, "O Nkulunkulu, ngiKubonga kanjani ngo-Oral Roberts! NgiKubonga kanjani ngomunye omdadlana, umfana oyiPentecostal, wazalelwa esikebheni esigwedwe okhunini ngapesheya ngaleya, wayengafika ezingeni elinjalo!" Ngathi, "NgiKubonga kakhulu, Nkulunkulu!"

200 Futhi ngama ngaphandle, futhi ngaba ngedwa ngase ngihambahamba ukuba ngingene emotweni yami, khona-ke into ethize yathi kimi, kwakunguSathane, wathi, "Kodwa kuthiwani ngawe na? Inkonzo ka-Oral iphuma kweyakho, kanjalo noTommy Osborn, futhi nakhu lapho ukhona. Iphi imishini yakho ye-IBM na?"

201 Encane, isiphetho esidala senqola uMfowethu Leo angivumela ukuba ngibe nehhovisi kuyo, ifoni ihlezi phakathi lapho, nomncane, umshini wokuthayipha oyisekeni. "Kuthiwani ngalokho na?"

Ngathi, "O, ngiyokuzonda ngempela ukuba beze babone lokho."

USathane uthi, "Uyabo, Akakwenzi, angekwethembe."

Ngathi, "Ngiqagele lokho kunjalo." Niyabo? "Bonke labo bazalwane nakho konke. . .ngiqagele, Angeke nje angethembe, yilokho kuphela."

202 Ngangimi lapho ngibuka lapho, futhi ngaphuka ngempela, ngacabanga, "O Nkulunkulu, kanzima njengoba ngizamile nakho konke okunye," ngase ngithi-ke, "buka ukuthi Wena wenzeni. . ."

203 Ngaleyonkathi nje ngezwa iPhimbo, lathi, "Kodwa NgiyiSabelo sakho."

Ngathi . . . ngacabanga:

O Nkulunkulu, ithende noma ikotishi, kungani
ngifanele ngikhathazeke na?
Bangakhela isigodlo laphaya!
Samarubi namadayimane, nesiliva negolide,
Amabhokisi akhe agcwele, Unengcebo
engakhulumekiyo.

Ngingumntwana, ukhozi, weNkosi!
Umntwana weNkosi!
NginoJesu Msindisi wami,
Ngingumntwana weNkosi!

O, he!

204 Vele ubhakuze-ke, qhubeka nje noma ngabe uyenyuka, noma uphansi, noma ngabe iyiphi indlela owenza ngayo, Umama umi khona laphaya endiza, ezungeza ngqo, "Iso laKhe likumzwilili, futhi ngiyazi Uyangibhekisisa," ngaphakathi nangaphandle kweBandla laKhe, ukubona ukuthi uyaphuma yini ekugumbuqeleni, kukhona okuzokwenzeka, a—amaPhiko amakhulu, iZwi likaNkulunkulu, liyokubuyisela ngqo phezulu.

Omunye wathi, "Lowo ngumlilo wequbula."

205 Ngingaqoka ukuba nomlilo omncane wequbula, kunokuba kungabikho-mlilo nhlobo, niyazi, kanjalo. Kulungile. Singathatha amaPhiko amakhulu, futhi sikubuyisele phezulu ngakwesokudla. Ngabe kunjalo, bazalwane na? Uma nje bephuma kancane enqubweni, ngani, sizovele nje sibabambe ePhikweni, niyabo, khona impela nje okuyikho, futhi sibabuyisele emseni futhi. Uma nje ubadedela babhakuze, yebo, mnumzane, ubadedele nje baqhubeke, bamemeze, badumise iNkosi, futhi bampompoloze haleluya, basine emoyeni, noma yini abafuna ukuyenza, baphuma enqubweni, sinento ethize lapha, amaPhiko.

206 UNkulunkulu akasoze akudedela uqathake uma ulukhozi, Uyobuye akucoshe futhi. Manje, uma unguklebe, uyawa, noma kanjani, ngakho-ke uzochaphazeka emhlabathini nje. Kodwa uma ulukhozi lwangempela, uzolalela iZwi likaNkulunkulu. Amen. Uyokwazi ukuthi lolo iPhiko likaMama lukubuyisela emseni futhi. Amen.

207 Wathi, esikhathini esingeside esedlule ngezwa indaba, yathi umlimi wayezobeka isikhukhukazi. Futhi angazi ukuthi kuthatha amaqanda amangaki ukuba abekwe phandle lapha, ezansi eningizimu, lapho engivela khona, kuthatha amaqanda ayishumi nanhlanu ukwenza ukuhleleka. Ngabe leyo yinto efanayo lapha na?

208 Ngakho, lomlimi omdala wayenamaqanda ayishumi nane kuphela, futhi wathola iqanda lokhozi wayeselifaka ngaphansi kwesikhukhukazi. Niyabona ukuthi hlobo luni lwesivuno

alutholayo. Lokho kuthi akube yindlela okungayo, cishe okukodwa kokuhleleka, ngendlela nje okuthola ngayo, kunjalo, cishe ukhozi olulodwa ekuhlelekeni.

209 Ngakho isikhukhukazi esidala sahlala phezu kwalamaqanda, futhi ekugcineni lapho esechanyuselwe onke, uma lolokhozi oluncane kwakungelona ichwane ledada elibi, kulesosigejane sezinkukhu! Awu, laliyinto ebukeka ihlekisa kunayo yonke abake bayibona.

210 Futhi lokho kuthi akube yindlela abanye benu abenza ngayo ngenkathi nichamusela ngempela, phakathi kwesigejane esikhulu sabagcina umthetho ngegama, nababandayo, kanjalonjalo, nesigejane sezivumokholo, sithi, "Owethu, Baba, OseZulwini, malingcweliswe i*Gama* laKho. Yethi, Mariya, ubusisiwe wena," nalo lonke lolu olunye uhlobo lwento. "Futhi sikholelwa ku—kuzo zonke lezi ezinye izinto," niyazi, mayelana, "ukuthi siyakholelwa ebandleni eliKatolika elingcwele, i. . . O, lesisivumokholo somphostoli."

211 Ngifisa sengathi umuntu-mumbe ubeyongikhombisa isivumokholo somphostoli eBhayibhelini. Mm! Leso akusiso isivumokholo somphostoli. Uma babenanoma yisiphi isivumokholo, kwakungukuthi, "Phendukani!" Yilokho uPetru abatshela khona ngoSuku lwePhentekoste, wathi, "Phendukani, yilowo nalowo, nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, khona niyakwamukeliswa uMoya oNgcwele, ngokuba isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, kubo okude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza."

212 Leso yisivumokholo somphostoli. Yilokho okwakuyikho, akukho nokukodwa kwalokhu, "Ngiyakholelwa ebandleni eliRoma Katolika elingcwele, ngiyakholelwa esidlweni sabangcwele." Noma ubani okholwa ukuthi isidlo sabangcwele sivuma ukuthi bangokhonza imimoya yabangasekho. Kunjalo.

213 "Munye kuphela uMlamuleli phakathi kukaNkulunkulu nomuntu, lowo nguMuntu uKristu Jesu." Angikholelwa ekungabikhweni kwesidlo sabangcwele, abangcwele sebehambile. U-Abrahama washo ukuthi wayeyi. . . UJesu washo ukuthi wayesezifubeni zika-Abrahama, futhi wathi wayengeke eze lapha noma aye lapho, lezi noma iyiphi indlela, ngakho lokho kuyakuxazulula, kunegebe phakathi kwalo abangeke bawela baye emuva naphambili. Futhi akukho sidlo sabangcwele. Kunjalo. Isidlo kuphela esinaso singoJesu Kristu, lowo nguMlamuleli wethu.

214 IBhayibheli lathi, "Akekho omunye umlamuleli phakathi kukaNkulunkulu nomuntu, kuphela uMuntu uKristu Jesu." Kunjalo impela. "KuKristu iDwala eliqinile, ngimi; yonke eminye imihlabathi iyizihlabathi ezibishayo."

215 Lolukhozi oludadlana, umama, emva kokuba eselususile esidlekeni, niyazi, lwathi ukulandela ngemuva. Niyakhumbula ukuthi nanibonakala kanjani ningekho endaweni na? "He, he," lwathi, "lokhu akubonakali kulungile." Luhamba kulelogceke elidala elinothuli, na—nalapho kuhambe khona amankomazi, namahhashi, nalolothuli oludala lundiza, "Mm, ukunuka okunje pho!" Lwathi, "Lokhu akubonakali kulungile." Lwabheka phezulu *kanjalo*, lwaseluthi, "Awusho, kuthiwani-ke phezulu *lapho* na?

216 Nesikhukhukazi esidala sathi, "*Ku*, *ku*, *ku*, *ku*, *ku*, *ku*! Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into enjengokundiza phezulu emoyeni, lokho akunakwenzeka."

217 Akuhlalanga nje kahle, niyazi, nje ku, kwakungahambisani nesayensi yalo yokudla. Lwalazi ukuthi kukhona into ethize engcono phezulu lapho ndawondawo, ngakho lwalulokhu luhamba luphakamise ikhanda lalo.

218 Futhi sathi, "Bantwana, ningamlaleli, ungomunye walabobafo abayinqaba," niyabo. Yileyondlela-ke ukhozi oluyiyo lapho luthi ukuphuma endaweni phakathi kwezinkukhu. Niyabo? Ngakho, siwela phezu kwenqwaba enkulu yomquba omdala futhi siqala ukuqhwanda, sathi, "*Ku*, *ku*, *ku*, *ku*! Sizoba ne—si—sizoba nesidlo sakusihlwa esidala ngapha kulobubusuku, sifanele sikhokhele umelusi. Sifanele sibe nohlobo oluthile lokuthengisa ukukhokhela i . . . "

219 O, lapho sekufika endaweni enjalo, ibandla belifanele livale iminyango yalo. Khokha izishumi zakho nomelusi uzokhokhelwa.

220 "Sizoba nomdlalo wokuwaka, sizoba nazo zonke lezi ezinye izinto lapha."

221 Lolokhozi oluncane lwaqala, futhi lwathi, "Whewu! Bengingekumele lokho. He! Mm! Mm! He!" Lwalulokhu lubheka phezulu, lubheka phezulu.

222 Futhi emva kwesikhashana, umama omdala wayelucinga, nangu eza, washwibeka wehla ngesivinini, ulubonile. O, ngijabula kakhulu! O, he! Lwamemeza, "S'thandwa, awusiyo inkukhu, ungowami!"

223 O, ngiyakhumbula ngenkathi ngiqala ukuzwa ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, Wamemeza enhliziyweni yami, "Kungokwakho, Ngikubizile. O, awusiyo inkukhu, ungowaMi."

224 O, ngenkathi luzwa lokho kukhala! Lathini ngenkathi lubuya luwela futhi, lathi, hhayi, "*Ku*, *ku*, *ku*!" Lwathi, "Udumo! Haleluya! Ayibongwe iNkosi!"

225 Lokho kuzwakala kukuhle kulo. Amen. Yilokho elaya . . . Yilokho elazalelwa khona, yingakho igama lalo lafakwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu ngaphambi kokusekelwa

kwezwe. "Izimvu zaMi ziyalazi iPhimbo laMi." Lapho bekuzwa lokho, kufana noju nje edwaleni ngebhere, uyolukhotha ubusuku bonke. Niyabo? Eza, luyazi ukuthi kukhona okuthize, "Ungowami, S'thandwa. Awusiyo inkukhu, ulukhozi."

"O, ngabe yilokho okuyikho, Mama na? Buka lawomaphiko amakhulu."

"UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. NGINGUYE ENGINGUYE."

"Amen. Lokho kuzwakala kahle. Yebo! Ngingenzenjani, Mama na?" Amen.

"Gxuma nje uye phezulu ngangongakugxuma bese uqala ukubhakuza, ngizokuthola." Amen. Haleluya!

Lwenza ukugxuma okukhulu futhi lwabhakuza kane noma kahlanu, futhi lwashaya ngqo esicongweni sensika, maphakathi ngqo nenhlangano.

Uyabuya ngale futhi, wathi, "S'thandwa, ufanele wenze kangcono kunalokho, kungenjalo angikwazi ngisho nokukucosha."

226 Esikudingayo namhlanje yisikhathi sokuhlakaza isidleke, esikudingayo namhlanje ngamandla kaMoya oNgcwele, esikudingayo namhlanje nguKudla kokhozi, sishumayela ukuthi uJesu Kristu usaphulukisa, Usenguye, "Imisebenzi eNgiyenzayo, nani niyakuyenza."

227 Anijabuli yini ukwazi, kulobubusuku, ukuthi uJehova unamaphiko aKhe amakhulu ngapesheya lapha, evayizelisa uMoya waKhe emuva naphambili na? INgelosi yeNkosi inesithombe saYo sithathiwe, iNsika yoMlilo efanayo eyayisehlane eTestamenteni eLisha manje ezinsukwini zokugcina, izolo, namuhla, naphakade, abantu bephulukiswa begcwaliswe ngoMoya oNgcwele, bekhuluma ngezilimi, ukuhumusha, amandla kaNkulunkulu eza, iNkosi isondela, uNkulunkulu ehlanganisa iBandla laKhe, anijabuli yini ukuba sentweni enjengaleyo na? Ujabule? Amen. Whewu!

228 He, angazi noma ngingahamba isikhathi eside kakhulu noma qha, lokhu kubonakala sengathi, sekuthi akusuke kundize khona manje. Lokhu kuzwakala kumnandi kimi, ukwazi ukuthi kuyiqiniso, akusiyo indaba kaSanta Claus, yiqiniso likaNkulunkulu ophilayo. Niyakukholwa na? Ya, ngayo yonke inhliziyo yakho na? Uyakholwa ukuthi sidinga isikhathi sokuhlakaza isidleke na? Udinga u—udinga uMoya oNgcwele futhi na? Uyakholwa ukuthi sidinga ukuthululwa okusha kukaMoya na? Uyakholwa ukuthi iBandla lidinga ukuphinde libhaphathizwe futhi na? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Ake siqale okuthize khona manje, nizokwenza na? Usukulungele ukungena ngaphansi koMoya na? Ukulungele ukukwenza na? Uyakukholwa na?

229 Asime ngezinyawo zethu. Bangaki abantu lapha abangenawo uMoya oNgcwele na? Bangaki abantu abangenawo uMoya oNgcwele na? Woza lapha umzuzu nje, wehle uphume kulowo vulandi osesitezi. Lesi yisikhathi sokuhlakaza isidleke. Asikhiphe lezizimpaphe ezindala ezixegayo. Asikwazi ukuphulukisa noma ukuba nenkonzo yangempela yokuphulukisa size sithole lezizimpiko ziqonde ngqo. UNkulunkulu akasoze asiyise phezulu lapho futhi asiqathaze size sikhiphe lezizimpiko kithi.

230 Wozani manje, wonke umuntu ofuna ukuza ngaphansi kwamandla kaMoya, yenyukela lapha, umzuzu nje, futhi ume uzungeze leli-altare. Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu uzothulula uMoya oNgcwele khona lapha kulobubusuku, futhi anyakazise lento, futhi akhiphe zonke izimpaphe lapha, futhi athathe izinkozi zaKhe emaphikweni *kanjalo* futhi asikhiphele ngaleya enzele imvuselelo.

231 Ngifuna ukubona imvuselelo ishiywa lapha. Ngifuna ukubona onke alamabandla esemlilweni, amandla kaNkulunkulu ewa. Uyakudinga . . . Yehla kuvulandi osesitezi, mfowethu, ungabe usakuhlehlisa. Lalela, uma uyisoni, woza, nawe, woza ngqo, wena ongenaMoya oNgcwele, wena ongaphendukile, qhubekela phambili ngqo phezulu ngase-altare.

"O," wena uthi, "kukude kakhulu phansi."

232 Uma wehluleka ukukuthola, ngoluny'usuku esihogweni kuyoba kude kakhulu ukuba ubuye uphenduke futhi. Kusondele kakhulu lapha kunoma kuyoba ngaphandle kwesihogo. Wozani. Nonke ngaphandle kwempi, impela uthatha indlela yesihogo. Woza, yilokho-ke. Wozani, zinkozi. Nike naMuzwa ememeza kakhulu kulobubusuku na? Nibuzwile uBukhona baKhe na? Nike nawuzwa lowoMoya uthi, "Yikho lokhu, nakhu, yikho lokhu."

233 Lokhu kuyafana lokho ababenakho ngoSuku lwePhentekoste, lawa ngamandla kaNkulunkulu angempela, yikho lokhu. Ngilindile, bavela kovulande abasesitezi, abanye babo behla.

234 *Kukhona UMthombo Ogcwaliswe NgeGazi*, uma uthanda, mfowethu kwi-ogani. Asilicule manje, sisalinde zonke izinkozi ukuba zibuthane. O! Ayibusiswe iNkosi!

UPetru wathi ngoSuku lwePhentekoste, "*Lokhu* yi*Lokho*." Uma *Lokhu* kungesikho *Lokho*, ngizogcina nje *Lokhu* kuze kufike *Lokho*. Amen. Woza!

> Kukhona uMthombo ogcwaliswe ngeGazi,
> Omuncwe kweka-Emanuweli . . .

235 Wena ofuna ukusebenzela uNkulunkulu, uma uyinkosikazi yomuzi, Uyokunika isiphiwo sokukhuluma ngezilimi,

Uyokunika isiphiwo sokuprofetha, Uyokwenzela okuthile. Ungeze na? Thola izimpaphe ezixegayo zinyakazisiwe zakhishwa manje.

. . . lonke icala lazo . . .

236 Ungeze na? Woza kuvulandi osesitezi, mngane oyisoni, qhubeka wehle, woza. Nonke nina enisanda kwemukela uKristu nje njengoMsindisi womuntu siqu, nokho ungagcwalisiwe ngoMoya oNgcwele, ungenyuke ngase-altare na? UNkulunkulu akubusise, nenekazi.

Lisusa onke amabala azo esono; (Khona ngapha, nenekazi, khona ngalendlela.)
Nezoni zabhukuda phansi kwalelothantala,
Kusuke lonke icala lazo . . .

237 Lalelani, bangane, lena yiyonandlela kuphela yenu yokuthokozisa uNkulunkulu, ngukulalela. "Labo abeza kuNkulunkulu bafanele baMkholwe."

238 Manje bukani, abanye benu maMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, noma abanye ongakaze emamukele uMoya oNgcwele namanje, uNkulunkulu ubeyongivumela kanjani ngenze lezizinto Azenzayo lapha ebusuku na? Ubeyongithumela kanjani phandle ensimini, kasikhombisa emhlabeni jikelele na? Ubeyokwenza kanjani lokho, adedele izigidi zemiphefumulo zizuzwe, ukuba bengingenawo umqondo othize weqiniso na? Ubeyongivumela kanjani ngenze lezizinto, izibonakaliso Athi uyozithumela ngezinsuku zokugcina na? Futhi asikaze ngisho sizibone noma sifunde ngazo emlandweni ngaphambilini, kusukela ezinsukwini zeNkosi yethu. Kungani Engangivumela ngilethe uMlayezo onjengalo, uma nginephutha na? Uzo—Akasoze abusisa amanga. Kodwa Uyangivumela ngikulethe, ngoba ngishumayelile leli yiqiniso; lena yindlela.

239 Futhi lalela, wena mngani oyiKatolika, bewazi yini ukuthi intombi uMariya wadingeka enyuke futhi athole uMoya oNgcwele, futhi adiyazele sengathi wayedakiwe, ngaphambi kokuba uNkulunkulu aze amngenise eZulwini na? Uzoyifikisa kanjani lapho noma yini engaphansi kwalokho na? Ibandla lakho, isivumokholo sakho, noma ngabe kuyini, uma kuyisivumokholo sePentecostal, uma kuyisivumokholo seBaptisti, noma isivumokholo seMethodisti, noma ngabe kuyini, awusoze wangena kunoma yini engaphansi kombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Kunjalo impela.

Ngakho, wena uthe, "Kubonakala kuxakile kakhulu."

240 Yebo mnumzane. Yini eyenza lababantu baziphathe kanjalo na? Yingoba bazalwa Phezulu. Umoya wabo ungowomunye uMbuso, uMbuso wabo uphezulu. UJesu wathi, "Uma lelizwe bekunguMbuso waMi, abantu baMi bebeyoWulwela, kodwa uMbuso waMi uphezulu." Kunjalo.

241 Ungeze na? Asicule kanye futhi ukuze ngizoqiniseka. Ngisanda kukhuleka nje usuku lonke ukuthi uNkulunkulu uzogcwalisa lendawo futhi ayinyakazise sengathi ayikaze ngaphambili, niyabo.

> Isela elifayo lajabula ukubona,
> Lokho . . .

242 Uyakukholwa manje, ngayo yonke inhliziyo yakho na? Yehla uphume lapho. Ungehle na? Ngiyacela, mngane, ngiyakuncenga eGameni likaKristu.

> . . . mina mangibe lapho, nakuba ngenyanyeka njengalo,

Wena unyanyeka njengaye uma uMphika.

> . . . suse zonke izono zami,

Woza ngqo, kunjalo.

> Hlanze zonke izono zami,
> Hlanze zonke izono zami;
> Futhi lapho kwangathi mina, nakuba ngimubi . . .

243 Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Manje, ake sime sithule umzuzwana nje. Manje, uma ungithatha njengenceku yaKhe, uma ukwenza ngiyakuthakasela, ngingakusiza. Manje, nonke lapha enifuna uMoya oNgcwele kaNkulunkulu, phakamisani izandla zenu. Nilambile, UJesu wathi, "Babusisiwe abalamba bomele ukulunga, bayakusuthiswa."

244 Manje, kunesigejane sabantu phandle lapha engifuna ukubhekana naso ngaphambi kokuba mina, siye egumbini lapho. Kodwa ngifuna nina bantu lapha, ofuna uMoya oNgcwele ukuba ulandele omunye walababefundisi. Ubani . . .? Yimuphi—yimuphi we . . .? Lomfowethu khona lapha, ahole, angene egumbini, lapha umzuzu nje. Lapha, ngena kanje: "Nkosi, uma unganginiki uMoya oNgcwele, lapho Ubuyela emhlabeni ngizobe ngilele khona lapha." Niyabo?

245 Nje unga—ungadlali ngakho. Uma wenza, awusoze wafinyelela ndawo, ufanele ungxame. Ufanele uze kuNkulunkulu ukholwa ukuthi uzothola lokho A . . . Kungani a—kungani Asho lokho . . .?

246 Ngithe esikhashaneni esedlule labobantu abakwazanga ukukhipha lowomoya omubi, bathi, "Ngani, besingeke sikwenze na?"

Wathi, "Ngenxa yokungakholwa kwenu."

247 Hhayi uma babengenawo amandla okukwenza, kodwa babengenakho ukukholwa kokukwenza. Manje, unamandla okwamukela uMoya oNgcwele, unoMoya oNgcwele phezu kwakho, ngoba ulambile futhi womile, noJesu wathi,

"Nibusisiwe, ngokuba ngisho nilambe futhi nome." Manje ngizweni futhi nikholwe.

248 Ngenani ngqo lapho manje, ngenkathi ngisasebenzana nelinye iqembu lapha, ngibe phakathi lapho emzuzwini nje. Kulungile. Manje, njengoba uthatha indawo yakho khona lapha, hamba ngalendlela uye egumbini, ukuze singabakhathazi bonke abanye. Ngezinye izikhathi, abantu befuna uMoya oNgcwele, bacabanga ukuthi ukhona osemuva lapho, "Ngilethe uMnu. Jones, futhi uhlezi emuva lapho." Kodwa hlakanipha, lapho wonke umuntu efa kanye nawe, kukhona okuzokwenzeka. Kunjalo. Hamba nje ungene ngqo egumbini.

249 Masithi sonke, onoMoya oNgcwele, sithi, "Makabongwe uNkulunkulu." Bukani lomnyakazo omkhulu . . . Bukani lamandla amakhulu e . . .

250 Manje, nonke nina zisebenzi eziqondene nomuntu ngena ngqo kanye nabo manje, zonke izisebenzi eziqondene nomuntu. Abanye benu bazalwane abakhonzisayo, uma nithanda, nani, ningene lapho ukubona ukuthi yonke into iqhutshwa kahle impela nje. Sifuna bemukele umbhaphathizo wangempela kaMoya oNgcwele. Ngenani ngqo ekamelweni, ukuze bahlangane nani khona phakathi lapha, emzuzwaneni nje.

> KunoMthombo ogcwaliswe ngeGazi,
> Elimuncwe emithanjeni ka-Imanuweli,
> Nezoni zabhukuda phansi kwalelothantala,
> Kusuke lonke ibala lecala lazo.
> Kusuke lonke ibala lecala lazo,
> Kusuke lonke ibala lecala lazo;
> Futhi . . .

Ngabe ukhona omunye ongathanda ukuhamba na? Omunye futhi na?

> . . . ngaphansi kwalelothantala,
> Kusuke lonke ibala lecala lazo.

Asikhothamise amakhanda ethu manje. Ngenhlonipho yokuzithoba:

> . . . elobukhosi, iculo elimnandi kakhulu,

251 Manje, uma ekhona phakathi lapha, ozwa lokho namakhanda enu ekhotheme, amehlo enu evaliwe, ukuthi awusuye umKristu, awusuye umKristu, wena uthi, "Bengifanele ngingene lapho, kodwa ngifuna ukuphakamisa izandla zami kuNkulunkulu, futhi uthi, "Nkulunkulu, ngiphe isibindi, ungangivumeli ngife kulesisimo."

252 Bangani, asidlali isonto. Kungahle kubonakale kuyinqaba kulokho enikufundisiwe ezivumwenikholo zenu ezehlukene namabandla, kodwa leli yiBhayibheli, lena yindlela okwakuyiyo ekuqaleni, futhi uNkulunkulu akanasiphelo futhi angeke

aguquke. Lokhu kuyafana, isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo sifundeka kanje, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade."

253 Manje, uma ungaMazi njengoMsindisi wakho, ungavele nje—nje ube ngumnumzane ohloniphekile, noma inenekazi ngokwenele ukuba uphakamise isandla sakho, uthi, "Ngikhulekele, Mfowethu Branham, angisuye umKristu."

254 UNkulunkulu akubusise, ntombi. Kuvulandi osesitezi ngakwesokunxele, kwiphansi elikhulu, ngabe ukhona oyedwa lapha ongathi, "A—angisuye umKristu, Mfowethu Branham, ngi . . . " UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Ngi—nginesibindi ngomuntu o—oqotho. Awusoze wafinyelela ndawo noNkulunkulu uze ube qotho. Ngapha? UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise, ndodana.

255 Phezulu kuvulandi osesitezi ngakwesokudla sami, phakamisa isandla sakho, uthi, "Angisuye umKristu." UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise. Ya. "Angisuye umKristu, kodwa ngifuna ngempela ukuba nguye, Mfowethu Branham. Khuleka ukuthi uNkulunkulu uzonginika isibindi ukuba ngize, namanje. Noma uma Engakwenzi, ungangivumeli ngife ngalendlela."

256 Impela, anifuni ukufa ngaleyondlela, bantwana. Kungani u . . . Yini ekwenze waphakamisa isandla sakho na? Ngoba yona impela into ekuwe, uzalelwe ukuba ube wukhozi. Yilokho okukwenze waphakamisa isandla sakho. Manje, unga—unga—ungavumeli nje izimpaphe ezindadlana ezingophini nezinto zikubambe endizeni yaseZulwini. Kungani ungakwenzi kulobubusuku na?

257 Baba wethu waseZulwini, kukhona labobantu abayisikhombisa noma abayisishiyagalombili, abaningi balabo, iningi labo ngabantu abasha onyakeni wokungena ebunjejaneni, izimpambanandlela nje, ngiqaphelile lezo ezinhle, izintombi ezibukeka zithandeka, izinsizwa, ziphakamisa izandla zazo, zi—zilambile, Nkosi. Umculo wokuzibinya nezinto zezwe akusoze kwanelisa leyondawana enhliziyweni yomuntu, uNkulunkulu aze angene lapho, uma kukhona noma iyiphi indawo yaKhe lapho. Uma ngenkathi Enza lowomuntu, Wazenzela indawo yokuhlala Yena uqobo, akukho lutho olungasoze lwathatha indawo yakho.

258 Baba, mabazi ukuthi into enkulu kunazo zonke eyake yenzeka kubo kungenkathi ukulahlwa icala kufika emphefumulweni wabo ukuthi babeyokwenza, babefuna ukuKukhonza. Ngiyabakhulekela, Baba, ngisho namanje, sisakhothamise amakhanda ethu, ukuthi labobantu abaphakamise izandla zabo bazolungisa indlela yabo kulelogumbi, labobantwana abasebancane, Nkosi, lutho nje ngaphandle—ngaphandle kwabantwana abayinjejane.

259 Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi bonke abaphakamise izandla zabo bazoba nesibindi, futhi kwangathi umkhuleko wami ungahamba phambi kwaKho ukuba ngingqongqothe emnyango kanye futhi, Baba. [UMfowethu Branham ungqongqotha phezu kwepulpiti—Umhl.] Siphe khona. Mhlawumbe bazongena, into enkulu kunazo zonke abake bayenza.

260 Ngiyakhumbula emuva ezinsukwini zasekuqaleni zobufana bami, ukuthi kanjani ngalobobusuku ngangilambile, futhi ngi—ngikuzwile ungqongqotha emnyango wami, Nkosi, ngi—ngijabula kakhulu ukuthi ngiKungenisile. Manje sengiyindoda ephakathi nendima yempilo, ngiKuthanda nje kakhulu ukwedlula engake ngaKuthanda khona empilweni yami. O Nkulunkulu, ungavumeli lutho lwenzeke e. . . uma ngingakwazi ukuKukhonza, ngithathe manje, mangihambe manje. Yeka injabulo okuyiyo, nenhlanhla ukukhonza uNkulunkulu!

261 Kunike lababantu abasha, Nkosi, banempi embi kabi, babuke, buka ukuthi banani, buka ithelevishini yabo, ibolile futhi ingcolile, buka isizwe abenyukela phakathi lapha, ezombusazwe zibole kwaze kwayofika emnyombweni, umphikukristu evuka esihlalweni namandla. Izwe, abantu baseMelika, abazi ukuthi umzabalazo uyini, abazi ukuthi bangakwenza kanjani ngaphandle kwakho, abazange badingeke ukuba baphuthelwe ukudla. O Nkulunkulu, buka nje. Ubukhazikhazi neHollywood, futhi sekuze kwangena ngisho nasenkolweni yomugqa wokuhlanganisa emabandleni, neqondile, iHollywood. Ayisekho imihlangano eyifeshini endala, yomkhuleko wobusuku bonke, nezwisa ubuhlungu obukhulu, nokukhuleka, nokuba nenhlanganyelo ngasezintweni zikaNkulunkulu, akusekho ukukhulekisisa. Nkulunkulu, lababantwana bayakudinga lokho, ngikhulekela ukuthi bazokwemukela kulobubusuku.

262 Ngivalile amehlo ami, Nkosi, ngizokholwa ukuthi Uzobathumela bonke ngqo kulelogumbi. Siphe khona, Baba. Makwenziwe, Nkosi, ngiyacela kwenze. Futhi ngingabaxhawula ngalolosuku, futhi ngithi, "Yebo, omdadlana, umlayezo oqotshiwe ngobunye ubusuku, *NjengoKhozi Luhlakaza Isidleke Salo*."

263 Wahlakaza isidleke sezwe ababephila kuso, sebekhathele yiso, Nkosi. Baphakamisa izandla zabo, babheka phezulu, "Umkhulu kangaka! Umkhulu kangaka!" Kwangathi bangabaleka, Nkosi, bangene ezibhakabhakeni zaseZulwini, lapho bengahlanganyela khona phezulu lapho nesihlobo somndeni sakithi seVangeli elifanayo. UKudla kokhozi kwangathi bangakudla. Siphe khona, Nkosi. Kungabi yinkukhu eboshelwe emhlabeni ukuthi izimpisi nalawo manenekazi asemasha, leyonto endala yempisi abanayo namhlanje, yodum-dum, nomculo wokuzibinya, futhi ubazise, Nkosi, kuyinto nje ukudabula imiphefumulo yabo eyigugu iphume

kubo, futhi ibathumele esihogweni sikadeveli, ixokozelise izinhliziyo zabo, ikudonse ngalezizindaba zamabhayisikobho ezindala, nezindaba eziyiqiniso, lapho konke kungamanga, nenganekwane, nokwakhiwa.

264 Mababuke lamaPhiko amakhulu kaNkulunkulu, iTestamente eLisha neLidala, athi, "Lapho ngizothatha ukuma kwami, khona lapho phezu kwaleloDwala." Siphe khona, Nkosi. Ngithemba ukuthi ngamunye wabo ukulelokamelo manje. Siphe khona, ngiyakhuleka, eGameni likaKristu. Amen.

Ake sime nje singanyakazi umzuzu.

[Umfowethu ukhuluma ngezilimi. Akuqoshwanga eteyipini. Omunye umfowethu uyahumusha. Isiprofetho siyanikezwa—Umhl.] Udumo. Haleluya! Udumo.

265 Makabongwe uNkulunkulu. Bangane, lokho ngukuthi, uma ngiqonda umBhalo, lelo yiPhimbo likaNkulunkulu liphendula ekuqiniseni, Ubhekisele kulokho. Wathini na? "Ningahlubuki, ngenani egumbini." Sonke isoni singenaGazi likaKristu, wenze indlela yakho eya egumbini, mngane. Uma iBhayibheli linga . . . Ngithetheleleni ngokuthi *uma*, siyazi ukuthi iBhayibheli liqinisile, lelo akusilo iphimbo lami, lelo yiPhimbo likaNkulunkulu likhuluma. Nakini bantu enigulayo, niyezwa ukuthi Utheni na? Lowo nguMlayezo oya eBandleni. Niyabo? Lowo nguMoya oNgcwele.

266 Manje, asicule, "Esiphambanweni, esiphambanweni lapho engabona khona ukuKhanya kuqala." Makuthi sonke isoni siye emuva singene phakathi lapha, ungathanda na? Iya emuva lapha, uma—uma . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

> Esiphambanweni, esiphambanweni lapho kuqala . . . (Kunjalo, iya emuva ngqo.) . . . ukuKhanya.
> Nomthwalo wenhliziyo yami wagingqika . . .

Nonke ningahlala phansi, uma nifisa.

> Kwakulapho . . . lapho ngemukela khona okwami . . . (Izisebenzi eziqondene nomuntu phuthuma egumbini, ngokushesha impela.)
> Manje, ngi . . .

267 Wonke umuntu ofuna ukuba yivolontiya lesisebenzi esiqondene nomuntu, hamba, bahlangana egumbini lapho, lapho abantu bemukela khona uMoya oNgcwele.

> Esiphambanweni, esiphambanweni lapho engaqala khona ukubona ukuKhanya,
> Nomthwalo wenhliziyo yami wagingqika, (Wagingqika!)
> Kwakulapho ngokukholwa ngemukela ukubona kwami,
> Futhi manje ngiyajabula usuku lonke!

Asilihamishe nje, futhi sibambe izandla zethu kuNkulunkulu.

. . . gingqiwe . . .

268 O Nkulunkulu, siyaKuthanda, Nkosi, siyaKuthanda.

. . . ngabona,
Futhi manje ngiyajabula usuku lonke!

269 Manje ngokunensa ngempela nangobumnandi, nangendlela eniyiculayo:

Esiphambanweni, esiphambanweni lapho engabona khona ukuKhanya kuqala. (Esidlekeni, niyabo.)
. . . umthwalo wenhliziyo yami ugingqiwe, (Ngenkathi ngiMbona amaphiko amabili amakhulu.)
Kwakulapho ngenkathi . . . (ngakhwela kuwo.) . . . Ngemukela ukubona kwami,
Futhi manje ngiyajabula usuku lonke!

270 O, angikwazi nje ukukuyeka lokho kuhambe. Akumnandi na? Anikuzwa enhliziyweni yenu na?

Futhi i . . .

